# U-Abrahama Nenzalo Yakhe Emva Kwakhe

KuNkulunkulu uSomandla, makabongwe futhi adunyiswe kuze kube phakade. Kuleliqembu elihle labefundisi elisebenze kulomkhankaso, ngifuna ukuzwakalisa ukubonga kwami kubo ngomunye wesigejane samadoda amahle ukwedlula onke engake ngasebenza nawo empilweni yami. Ngomshayi we-ogani omncane omuhle lapha, nomshayi wopiyano, kini nonke bantu abathandekayo, abangenisi, amaphesenti ayikhulu kubantu abahle kunabo bonke, kulesisikole ngokusivumela sibe nendawo yokukhonzela, nakukho konke lokho okwenziwe, angazi nje ukuthi ngingazizwakalisa kanjani ngokubonga ngalomhlangano. Ngiyakhuleka ukuthi imiphumela kulokhu ayisoze yafa, kodwa iyophila njalonjalo.

2 Ngiyaxolisa angibanga naso esinye isikhathi sokuhlangana nalamadoda futhi ngibe semabandleni awo, kanjalonjalo. Bebengicaphunela nje, emizuzwaneni embalwa edlule, ngabantu abasha beza kuKristu kulokhu ukusa, amandla kaNkulunkulu emihlanganweni yabo. Ngithemba ukuthi lokho akusoze kwafa kodwa kuzoqhubeka kuze kube-phakade kuze kufike uJesu.

3 Abaningi benu bangane abahle engihlangane nabo selokhu ngibe lapha, izinkumbulo zenu zizoqhubeka zilibale enhliziyweni yami: ukubambisana. Kunzima, ukushumayela okubabayo ngesinye isikhathi ngifanele ngikwenze. Angisuye u. . . Angizisho ukuthi nginguye, esikubiza ngokuthi, umshumayeli; Ngi. . . Niyakwazi lokho kakade; kodwa ngi— ngisho lokho nje ngazi iNkosi njengoMsindisi wami, ngishisekele kakhulu ngokuzama uku—ukwenza lokho Akumisele ukuba kwenziwe; futhi ngalokhu Uye wanginika ithuba, ngesiphiwo, ukuzwakalisa kubantu, ukuthi, lapho ngingeke ngibe nemfundo yokukwenza, mhlawumbe imisebenzi izozwakalisa ukuthi ngi—ngiyinceku yaKhe, futhi—futhi ungumfowethu nodadewethu, futhi lokho kuzokwenza ukuqinisekisa kwakho. Futhi mhlawumbe lokho kuzonazisa ukuthi ngiyanithanda, uNkulunkulu uyanithanda; futhi sisonke sethemba ukuchitha iPhakade elingapheli ndawonye eZweni elingaphesheya komfula, ndawondawo lapho.

4 Ngeviki elizayo, ngeSonto elizayo, siqala iviki kusukela kuleliSonto, njengoba ngenze ukuzwakalisa okuncane okuluhlaza, ngizoqala emizini engasedolobheni yenu manje, ngeviki elizayo kusukela kuleliSonto elizayo. Leyo yiChicago (Niyabo?) enhla lapha, imizi engasedolobheni yalelidolobha.

Futhi ngakho si. . .Angazi nje ukuthi kukuphi; ngu—nguMnumzane. . .Angisoze ngabiza lelogama lesiNtaliyane, Bottazi. . .Ini? Bottazi. Ngabe yena umemezele ukuthi lezozinkonzo zizobanjelwa kuphi eChicago na? Sekuvele kumenyezelwe emsamo. Angizazi ngisho mina uqobo ukuthi zikuphi. Futhi ngakho sizokuthola ngenye indlela; Ngifika lapho bese ngibiza uMfowethu Carlson, omunye umuntu, futhi ngithole ukuthi ngifanele ukuba kuphi. Futhi ngakho silindele izinto ezinkulu eChicago ngeviki elizayo. Singakujabulela ukuba nibe yisimenywa sethu—sethu lapho eChicago, futhi, noma yimuphi omunye umhlangano ebesingake sibe kuwo.

5 Manje, ngesinye isikhathi, ngithe ubusuku abusoze bube mnyama kakhulu, noma imvula ayisoze yana kanzima kakhulu, kodwa ebengizoza kini, ukunisiza, kunoma yini ebengingayenza ephathelene noMbuso kaNkulunkulu, noma yini enye into engingakusiza ngayo. Ukuba benginemadlana, futhi uma ngi. . .futhi uma ubuyidinga, ibiyoba ngeyakho. Kunjalo, ngizokwenza lokho. Noma ubani owazi impilo yami nomndeni wami, kwakuyindlela efanayo. Ubaba wami omdala ompofu usehambile namhlanje; akazange aphile impilo efanele emhlabeni. Wayenomkhuba owodwa omubi: ukuphuza. Kodwa uma ehlangane nendoda emgwaqeni, isihambi ngokuphelele, nendoda yayilambile futhi wayenebheskidi elilodwa, wayelihlephula kabili nayo. Sikholelwa ekusizeni labo abadingayo; ekusizeni.

6 Ngifisa sengathi bengingathi bengingeza kini noma ngasiphi isikhathi. Ngingathanda ukusho lokho, kodwa angikwazi; kuningi kakhulu. Lomhlangano omncane nje lapha, okuyiqembu elincane nje labantu, manje cabangani umhlaba wonke: izigidi. Niyabo, bengingekusho nje lokho. Kodwa ngiyokwenza lokhu, mngane. Ngiyokwenza konke engingakwenza. Uma u—uma ufuna ngikhulekele phezu kweduku elinjengaleli lapha, ngilithumele kuwe; uma ungalidingi manje futhi uyalifuna noma kanjani, thumela, ulithole. Akukho zindleko zalutho.

7 Asikhokhisi lutho. Akukhokhiswa ngezinkonzo, ngisho nasezincwadini zethu. Lezo akusizo izincwadi zami. Zingezabantu abehlukene ababhala lezozincwadi. Ngizithenga zehle ngamaphesenti angamashumi amane. Nginikeza abasebenza ngezincwadi zami nabo ukusho emnyango: uma owesilisa, owesifazane, umfana, noma intombazane ingena, ifuna enye yalezozincwadi, futhi engenayo imali yokuyikhokhela, mnike yona noma kanjani. Futhi silahlekelwa njalo ezincwadini. Ayikho indlela yokwenza, ngisho, ukuphela kwezindleko. Nesithombe seNgelosi yeNkosi: leso akusiso esami, leso singeseDouglas Studios, futhi sinelungelo lobunikazi futhi ngeke senziwa kabusha, ngoba ubuyobe wephula amalungelo elungelo lobunikazi.

8 Ngakho ba—azisizo ezethu. Futhi siyaziletha nje, ngoba

sicabanga ukuthi bekungasiza omunye umuntu. Futhi ukuthenga lezozincwadi zehle ngamaphesente angamashumi amane, futhi mhlawumbe ulahlekelwe ngamaphesenti ayishumi noma ayishumi nanhlanu azo ngaphambi kokuba uyilethe kuwe; khona-ke ufanele ukhokhele lababafana ukuthengisa lezi. Ibandla libanika okungako ngeviki. Futhi kambe, ayisiyo eyami; yitabernakele elinakekela lokho.

9 Futhi yonke into esiyenzayo imahhala. Manje, angizami ukuthola ikheli lakho. Angi . . . Njengoba ngisho, ngine . . . Awu, unobhala wami, wenza umsebenzi wami. Angazi noma . . . Ingabe ukhona, Jim, namhlanje na? Angazi noma wawela noma qha. (Umkhwe wakhe ulapha, ngiyacabanga, nomkhwekazi wakhe, uMnu. noNkk. Fred Sothmann.) Balapha: umkakhe u . . . uphendula ucingo; UMfowethu Jim uyabhala ngomshini.

10 UMfowethu Leo Mercier wenza umsebenzi wasensimini. Ubelapha nje esikhashaneni esedlule; umngane wakhe lapha. Ba . . . lababafana basebenzela iBranham Tabernakele, engihlangene nalo, okuyibandla elizimele elizibusayo, elinikwezwe amandla eJeffersonville eClark County. Futhi yinhlangano engenzi nzuzo, nemali engena ebandleni kanjalonjalo, i . . . ingena emasimini angaphandle ukuxhasa abantu abampofu abangenayo imali yokungithumela ukuba ngize laphaya, kodwa nokho bangidinga kabi ngempela.

11 Futhi ngithatha leyomali, ngokushesha nje lapho bethola ukwakhiwa okwenele, futhi bawelele emasimini angaphandle ukuyoshumayela kulabo, leliVangeli elifanayo eninenhlanhla yokulibona. Futhi ngakho-ke, ngiyazi njengomphathi wemali yaKhe, ngizodingeka ngiphendule ngakho ngoSuku lokwaHlulelwa. Futhi ngiyayithatha, qobo lwami, inqobo nje uma ngisemusha ngokwenele ukuba ngihambe, futhi ngingahamba, ngifuna ukuhamba ukuze ngiqiniseke ukuthi ngiyashumayela futhi ngibalethele uMlayezo eninikele ngawo ukuba bawuzwe. Udumo lonke lube ngolwakho ngaloloSuku. Ngiyinceku yaKhe nje ukuthwala uMlayezo.

12 Ngiyethemba, njengoba abafana, omunye eshilo esikhashaneni esedlule, bangithathele umnikelo wothando. Lokho bekungadingekile. Angizelanga lokho. Kade ngishumayela iminyaka engamashumi amathathu nanye. Ngelusa itabernakele leBaptisti iminyaka eyishumi nesikhombisa. Hamba ubheke izincwadi, angikaze . . . buza noma ubani esizweni sonke noma kuphi; Angikaze ngithathe umnikelo empilweni yami yonke, angikaze, empilweni yami yonke.

13 Ngesinye isikhathi sisalusa itabernakele, thina njengabantu abampofu, sishoda kancane ngemali. Sonke siyazi ukuthi lokho kuyini, anazi na? Sasinezikweletu nje esasidingeka sihlangabezane nazo, unkosikazi nami, uBilly wayesemncane

impela ngaleyonkathi. Futhi nga—ngathi, "Uyazi ukuthi ngizokwenzenjani na? Ngizothatha umnikelo kulobubusuku." Lokho kwakungokusondele kunakho konke engake ngafika ukukwenza.

14 Nomfowethu omdala oseNkazimulweni namhlanje, uMfowethu Wiseheart . . . Sasingenapuleti lomnikelo; sasivame ukukufaka e—emaphepheni edolobheni: "Ibandla elingenapuleti lomnikelo."

15 Ngiyasebenza, ngikhothoze, noma yini ebengingayenza ukuze ngiziphilise. Nebandla, hhayi ngoba bebengeke bangilekelele: Uma bengingasebenza, kungani ngingasebenzi na? Amanye amadoda asebenza. UPawulu wasebenza. Kungani kungabi yimi na? Futhi isizathu, ubunzima obukhulu kakhulu bomsebenzi kusuka endaweni kuya endaweni, noma ngisayolokhu, ngingaqoka ukuza khona lapha futhi ngithathe idwala nesando futhi ngiphumele lapha emgwaqeni futhi ngisebenze usuku lonke, ngifike ngishumayele kini ebusuku. Lokho bekungaba yisifiso sami, uma bengingakwenza. Lokho kuphambi kukaNkulunkulu neBhayibheli lami.

16 Kodwa sasidingeka sithole imadlana. Ngangidinga cishe amadola amahlanu, futhi ngangenze isithembiso; nesikweletu sikweletwa, nga—nga—ngangingenayo nje. Futhi asikwazanga ukuyithola. Ngakho ngathi, "Ngiyahamba, ngithathe umnikelo kulobubusuku."

17 Umkami omncane othandekayo, uma kukhona ukudunyiswa okuya emndenini wakwaBranham, makuye kuye. Nguye owama phakathi kwami nomphakathi kuzo zonke izinto ezenziwe, makube nje nguyena ozoba nokudunyiswa. Uthi kimi, "Billy, ngizoya ngale futhi ngikubhekisise wenza lokho."

18 Ngavuka ngalobobusuku. Wayehlezi emuva; ngathi, "Bangane, kade ngelusa lapha, ngiqagele, cishe iminyaka eyishumi nambili." Ngathi, "Angikaze ngiwuthathe umnikelo; nginesidingo esincanyana nje kulobubusuku, ngidinga ngempela cishe amadola amahlanu." Ngathi, "Ngi . . . Uma ngi . . . Sizodlulisa isigqoko ngapha nangapha, uma unozuka noma ababili, ubungabeka . . . " Ibandla lami lihlezi kakhulu kuleliphansi khona lapha. Ngathi, "Uma ubungathanda, thola uzuka noma usheleni ongathanda ukungisiza kukho, ngingakuthokozela kakhulu impela." Sasingenalo ipuleti lomnikelo; ngathi, "Mfowethu Wiseheart, ungasithola isigqoko sami na?"

19 Kwenzeka ngabuka phansi lapho, nowesifazane omdadlana, useNkazimulweni namhlanje; igama lakhe kwakunguNkk. Weber. Wayefake elinye lalamaphinifa amancane—amancane, elinephakethe ngaphansi kwephinifa. Nina besifazane nake nalibona elinye lawo na? Ngiqagele omama benu babewagqoka eminyakeni edlule. Wehlela lapho futhi wabamba elinye

lalamabhuku asephaketheni amancane elinoqweqwe phezu kwalo, niyazi, ni. . . Kwakungezikhathi ezinzima manje; lokho sekube yiminyaka engamashumi amabili-nanhlanu edlule. Waqaqa lelobhukwana lasephaketheni; uqala ukuzwa labo osheleni. Ngangingeke ngiwuthathe. A—angikwazanga nje ukukwenza, yilokho kuphela okwakukhona kukho. Nga—nga—ngabuka phansi lapho, futhi ngacabanga "O, bakithi."

20 "O," ngathi, "Benginincokolisa nje; bengifuna nje ukubona ukuthi benizothini. Bengiqhubeka ngiya kini nje." UMfowethu Wiseheart wayephethe isigqoko sami esandleni sakhe; "O," ngathi, "Mfowethu Wiseheart, lengisa isigqoko sami phezulu. Bengincokolisa ibandla nje."

21 Futhi ngakho-ke ngaya ngale ekhaya ngase ngicabanga, "Awu," ngehlele, esitolo sezinto zikasheleni, ngase ngithola ikani likapende likasheleni. Kukhona ikhehla eliye eNkazimulweni manje. UMfowethu Gene, niyamkhumbula kahle, uMfowethu Ryan omdala. Wayevame ukuba nezinwele ezinde, nentshebe ende, wayegibela lelibhayisikili ezansi lapho, futhi wanginika lona. Li—lahlubuka kuye futhi. . . Qhabo, lokho akukuhle ukuba umBaptisti akusho, kunjalo na? Ake sithi nje laguga, laguga nje. Futhi manje ngiyiBaptisti; ngiyiPentecostal Baptisti (Niyabo?), omunye we. . .?. . . iBaptisti e—enoMoya oNgcwele. Ngakho ngathi. . . ngaya ngaleya ngase ngithatha lelibhayisikili elidala ngase ngehla ngase ngizitholela ikani likapende, ngase ngilipenda ukuze ngilenze libukeke kahle kakhulu, ngalikhuhla ngosandiphepha, ngase ngilibeka ngaphambili, futhi ngalithengisa ngamadola amahlanu. Angizange ngidingeke ukuba ngithathe umnikelo empeleni. Ngakho lokho ngukusondele kakhulu kunakho konke engake ngeza kukho.

22 Ngiyabonga, bangane bami, ngalokho obekusemnikelweni. Kuzoya kumngcini sikhwama, futhi kusukela kulokho kuyoya emasimini angaphandle ukuletha loMlayezo kubahedeni nalabobantu abangenakho ukudla okukodwa, mhlawumbe kanye ngeviki ukuba badle kukho. Kuyoya lapho-ke. Futhi kwangathi uNkulunkulu waseZulwini angakubuyisela kini ngokuphindwe ngekhulu futhi afake izitini zegolide kulelokhaya lakho ngaleya kwesibhakabhaka, ngumkhuleko wami.

23 Ngibhalele noma ngasiphi isikhathi manje osifisayo. Ngishayele ucingo. Izikhathi eziningi ngithi ukungabi bikho ngaseJeff kakhulu. Ikheli lami: Jeffersonville, Indiana, Post Office Box 325. Uma ungakwazi ukukhumbula ngo 3-2-5, kuthumele nje, eJeffersonville.

24 Futhi uma ufuna ukungishayela, inombolo yami yiBUtler 2-1519. Uma ungakwazi ukukuthola kuleyonombolo, khona-ke shayela uBUtler 2-3826. Awukwazi ukuthola lokho, shayela uBUtler 3-6771, awukutholi lokho, o, kungcono uyeke

kulokho, ukuze...Kodwa noma kanjani inombolo enkulu ukuyishayela ukuze ungithole: BUtler 2-1519; lelo yishumi nanhlanu-ishumi nesishiyagalolunye. [Izinombolo zocingo zishintshiwe—Umhl.] Lelo yihhovisi, futhi bangakutshela mayelana nokuthi ngingatholakala kuphi. Noma yiliphi ihora lasebusuku kumbe noma yini engingayenza ukukukhulekela ngocingo, ngikuthumelele indwangu yomkhuleko noma yini, kumahhala ngokoqobo, akukho lutho, niyabo, jabulani ukukwenza.

25 Futhi manje, ngiyethemba, kubekhona izinto ezenzeka emihlanganweni yami emithathu yokugcina okungethusile. Kulokhu ukusa ngihlale nendodana yami cishe ihora ngase ngithi, "Billy, yini engalungile na?" Izolo ebusuku, kuyavela futhi: Ngiyasuka ensimini.

26 Yini indaba na? Ngabe ngiya eKhaya na? Ngabe umsebenzi wami usuphelile na? Ngabe eyami...lolu hlobo lwenkonzo selwenziwe na? Ngabe ngiya emasimini angaphandle na? Angazi. Ngisho lezozinto, kodwa kukhona okulungiselela ukwenzeka. Angazi ukuthi kuyini. Ngakho uma kusensimini ngapheseya komfula ngaleya, ngaleya kubahedeni, noma kungaba kukuphi, ngizwa ukuthi iMelika ibe nomlayezo wayo. Futhi uma kunjalo, ngifuna ukunicelela umusa: Size sibonane futhi emfuleni omkhulu ngaleya ekupheleni komgwaqo, ningangikhulekela na? Ngiyabonga.

27 Lapho inyanga-mthakathi ingiphosela inselelo enkulumweni-mpikiswano, lapho amademoni azo zonke izinhlobo emasimini angaphandle, uma ngizakubizwa, njengoba bevamise ukwenza, ngizokhumbula ngale ngaseBloomington, e-Illinois, namadolobha azungezile, nginesigejane sabantu ngeSonto ntambama abaphakamise izandla zabo, "Ngizobe ngikukhulekela." Futhi lapho ngifanele ngiphumele kwiphansi lendlu ukuba ngihlangabezane nakho, ngiyokwazi ukuthi ngimbozwe yiGazi emkhulekweni wenu.

Singakhothamisa amakhanda ethu manje senzele izwi lomkhuleko na?

28 Baba onomusa, sibonga Wena ngokuvela ezinjulweni zomphefumulo wethu ngakho konke esikuzwile kuWe, sifundile eZwini laKho, futhi saKubona ubonakalisa kithi kuleliviki. SiyaKubonga ngalababantu abakahle, ngalababefundisi abakahle, ngamabandla abo amahle, ngalelikolishi elikhulu, ngalelihholo elikhulu, ngakho konke okwenziwe futhi kwashiwo, ngabangenisi, ngabahlabeleli, ngabaculi, yonke nje into, Baba. Uma ngigeja noma yibaphi, babusise, Baba.

29 Niwubonile wonke umnyakazo omncane, wonke umnyakazo omncane onomusa. Nimbonile umama, ubabayi, efaka ingxenye yokuziphilisa kwabo ukwesekela lomhlangano. Bakwenza ngoba Wawukhuluma kubo. Besingeke sikubuyisele kubo,

futhi besingeke, ngenxa yokuthi besiyobaphanga esibusisweni esibekwe ngaleya nje. Ngokuba ngelinye ilanga sifunda eBhayibhelini ukuthi lapho uJesu ayebhekisisa khona, abacebile bafaka inqwaba yemali emnikelweni, kodwa kwafika umfelokazi ompofu wafaka cishe odenariyu abathathu. Nkosi, qagela, ukuba ngangikade ngimi lapho, ngangiyogijima ngenyuka ngase ngidumela isandla sakhe, ngathi, "Ungakwenzi lokho, dadewethu. Sinokwenele phakathi lapha." Kodwa Wawumi lapho, futhi Awummisanga. Ngokuba Wazi ukuthi yini eyayihlalele ngaphambili. Wawazi ukuthi Uyokubuyisela kuye ngekhulu.

30 Ngakho, Baba, ngiyazi ukuthi Wena, iso laKho elikhulu, labheka wonke umnyakazo esawenza. Sikhulekela ukuthi noma yini esiyenzile, nemizamo ebuthakathaka esibenayo, ukuthi ibithokozisa emehlweni aKho.

31 Ngiyaqonda, Baba, ukuthi ngikhuluma kulentambama kwabesilisa nabesifazane ngiyo, mhlampe, ngingaphinde ngibone kulokhu ukuphila. Abaningi abadala bahlezi lapha nabaningi abagulayo. Ngelinye ilanga ngethemba ukuhlangana nabo lapho emfuleni lapho sebeguqulwe isimo besuka kulokhu kuphila, njengezinsizwa nezintombi zigezwe eGazini leWundlu, ngemizimba engasoze yaba nenye inkonzo yokuphulukisa, noma akuyikubakho esinye isoni esikhala izinyembezi sizungeze i-altare. Ngikhulekela ukuthi Uzobabusisa.

32 Busisa lababefundisi, lababelusi bezimvu baKho, ukuthi phakathi kokugxekwa, ngenkathi, Baba, ngenxa yokuma kwabo kweqiniso eZwini, igama lami alilihle kakhulu phakathi kwabo kodwa bebengenamahloni, bangibiza noma kanjani. O Nkulunkulu, busisa inkonzo yabo. Kwangathi bangaqonda ukuthi lezizinto kuphela zizobuyisela iBandla ekumeni kwalo okufanele, kuphela ukusinyakazisa sibuye, Nkosi, kuye lapho uMoya oNgcwele ungakha khona phezu kwesisekelo sangempela seqiniso, phezu kwabesilisa nabesifazane abazelwe ngokusha ngempela. Baba, hhayi ngoba ngingazithandi izinhlangano zabo, amahlelo, yingoba ngibona izinqubo zidedela abantu bakhululeke kakhulu. Sisize, Nkulunkulu. Uyayazi inhliziyo yami, ukuthi ngibathanda kanjani.

33 Ngiyakhuleka ukuthi Uzosibusisa ndawonye njengoba siphenya eZwini laKho manje okokufundwa kokugcina, ukuvalwa kwalemvuselelo, kwangathi, noma, hhayi lemvuselelo, Nkosi, lezizinsuku eziyisishiyagalombili zemizamo; kodwa kwangathi imvuselelo ingalokothi ivale, kwangathi ingaqhubeka iqhubeke. Kwangathi ingaphila ize imiphumela ibe isalokhu ikhona lapha lapho uJesu efika. Ngokuba ngikhulekela ukuthi Uzokwenza okuthize kulentambama okuzovala konke, okuyobangela abantu ukuba bezwe iZwi ngangokuthi uMoya oNgcwele uzotshala iMbewu ekujuleni kwenhliziyo yabo.

34 Inhliziyo yami isalokhu iya kuleyontombazanyana bandla engihlangane nayo lapho emnyango emizuzwini embalwa edlule, ihlezi isontekile kulesosihlalo esinamasondo. Ukuthi Wena wagxuma ngokushesha kanjani phansi futhi wamtshela ukuthi waba kanjani ngaleyondlela, lokho ayeyikho ngenkathi eseyintombazanyana, futhi wamtshela isizathu sokuthi akaphilile, ehambahamba khona manje. UNkulunkulu kwangathi lokho kungelokothe kusuke enhliziyweni yalowomntwana. Wabhala incwadi yesimemo kimi. Ngiyakhuleka, Nkulunkulu, ukuthi lowomntwana uzophulukiswa. Siphe khona. Kwangathi kungesuke enhliziyweni yakhe encane, futhi azi ukuthi lowo bekungemina ngimi lapho, lowo bekunguMoya oNgcwele ukhuluma ngenceku yaKho, eyitshela khona impela okwakuyiqiniso, ukuthi yayiyini, ukuthi iyini, nokuthi ingaba yini. Kwangathi kungesuke kuye, Nkosi.

35 Busisa bonke abagulayo nabahluphekile kulentambama. Njengoba izinceku zaKho zima futhi sikhulekela abagulayo, kwangathi bonke bangaphulukiswa; kwangathi abalahlekile bangasindiswa, noNkulunkulu amukele inkazimulo, ngokuba sikucela eGameni likaJesu. Amen.

36 Khulekelani uMfowethu Roberts, uBilly Graham, uTommy Osborn, uTommy Hicks, amadoda amakhulu kaNkulunkulu phandle ensimini namhlanje. Bakhulekeleni. Ungekwenze na? Khulekela labo bafowethu. Balwa impi enzima. Inhliziyo yami iyopha ngenxa yabo. Ngikhulekela ukuthi bazohlala ngokweqiniso eVangelini, futhi lapho sekuphelile konke sizobuthana ndawonye njengomndeni owodwa omkhulu.

37 Ngabe sisenazo ezinye zezincwadi ezishiywe kwiBusiness Men mayelana nombono na? Zonke asisekho. Uma wena, noma ubani lapha ongakaze ayithole ikhophi, phakamisa isandla sakho, awukaze uyithole ikhophi na? abambalwa. Ngi—ngicabanga ukuthi uma nje ungabhalela i*Voice* yeChristian Business Men, eLos Angeles, bazo. . .mhlawumbe banezinkulungwane ezimbalwa zazo ezisele. Bangajabula ukukuthumelela eyodwa ngesihle. Ngicabanga ukuthi uma kukhona—uma kuba khona inkokhiso, kuzoba indibilishi kuphela noma okuthize. Angazi, into ethize nje yezindleko zokunyathelisa.

38 Inombono, futhi ngifuna niyifunde. Futhi ngaphambi kwaleliBhayibheli elivuliwe, phambi kukaNkulunkulu wami, ngifanele ngazi ukuthi imibono isho ukuthini. Lowo kwakungesiwo umbono. Ngangilapho. Ngikubonile. Angifuni uku. . .Ngiyakuzonda ukusho lokho, ngoba omunye ucabanga ukuthi uzama ukulingisa uPawulu oNgcwele omkhulu. Angikusho lokho ngalokho. Ngiyasho nje, ukuthi ngiyazi ukuthi Ndawondawo nje ngaleya nje lapha kuneZwe esiphila kulo futhi. Ngingake ngize . . .

39 Ngathi, lapho sengibuya, "Mangenze konke engingakwenza." Angikwazi uku re-. . . Anginacala ngalokho okushiwo ngabanye. Ngifanele ngiphendule ngokusho kwami uqobo. Angazi ukuthi yini . . .

Ungahle uthi, "Ngibezwile abantu besho lokho. Ngi—ngithemba ukuthi konke nokuncu kwakho bekuyiqiniso. Ngithemba ukuthi konke nokuncu bekuyiqiniso."

40 Mfowethu, dadewethu, phambi kukaNkulunkulu, lokhu bekuyiqiniso. Bekuyiqiniso. Nga—nganginjengoba nginjalo nje manje, kuphela insizwa futhi, ngimi Ndawondawo ngibuka abantu ababevela lapho abadala babephenduke baba basha, futhi kwakungekho kugula, kungekho lusizi, kungekho kufa. Babehlukile. Futhi nokho, Wangitshela ukuthi kwakukhulu kunalokho okusazofika. Lokho bekungaba kuhle ngokwenele kimi ngazo zonke izikhathi.

41 Ngicabangile kulentambama . . . Uxolo; Angifuni ukuba yingane. Kodwa lapho uhlangana nabantu, bese-ke wazi ukuthi ufanele ubashiye, futhi mhlawumbe, niyazi, abantu abadala kanje, uma ngibuya sekungunyaka kusukela manje, mhlawumbe angisophinde nginibone. Futhi kwenza okuthize nje kimi.

42 Kodwa asizame ukufinyelela manje e . . . ngale kuGenesisi isahluko 22. Futhi ngifuna ukufunda nje ingxenye yevesi 14, noma, nginicaphunele lona.

> *U-Abrahama waqamba igama* le*ndawo ngokuthi uJehova-jire: njengoba kuthiwa* kuze kube *nanamuhla, Entabeni yeNkosi kuyakubonakala.*

43 UGenesisi 14:22, noma, uGenesisi 22:14, ngiyaxolisa. Manje, ngifuna nje ukunikeza okuseduze . . . ukunakisisa kwenu njengoba ngifundisa lokhu nje. Futhi ngizoshesha; nginamamayela angamakhulu amathathu kulesisiphepho esikhulu seqhwa ukushayela kulentambama ukuhlangabezana nesibopho kusasa.

44 Ngakho manje, ngi . . . Kodwa ngifuna niqiniseke ukuba nizame ukukubamba, ukuvala engikushilo kuleliviki, ngokuFika kweNkosi sekuseduze. Futhi manje, uma ninepensela nephepha, nginemiBhalo cishe engamashumi amabili ebhalwe lapha uma nje ningathanda ukubhekisela kuYo njengoba siqhubeka sifunda, futhi nibhalabhale phansi amanothi amancane. Ngoba ngempela ngicabanga ukuthi lena yiyonanto efike ngesikhathi kakhulu uMoya oNgcwele oke wangivumela ngikhulume ngayo. Futhi nge—ngethemba ukuthi ekwenzeni lokhu ukuthi nizoqonda ukuthi ngi—ngingakukhuluma kuphela; uMoya oNgcwele uzofanele akuhumushe.

45 Manje, sengikukhulumile lokhu kabili vele, futhi lokhu kungokwesithathu ngisondela kulomlayezo ofanayo, ngoba usesikhathini kakhulu. Futhi ngikwetha isihloko lokhu . . . Futhi uma ukugeja, kuzoba seteyipini. Uma unesiqophamazwi, ngani,

abafana bazonithumelela amateyipu. Futhi manje, babhaleleni nje. Ngiqagele ba . . . uyalazi ikheli labo kanjalonjalo. Uma ungalazi, ngani, vele ungibhalele lapho, futhi kuzolethwa ebhokisini labo. Futhi bayihlangano yabo uqobo; bayi-Audio Mission eJeffersonville, nababfana ababili abakahle, uMnu. Mercier noMnu. Goad.

46 Futhi ngiqagele niyizwile indaba yabo ukuthi baba kanjani ngabangane bami, kwakungenxa yokuthi beza lapho ukuzama ukungidalula, bazibumbela iFBI encane. Babeza lapho futhi babengacabangi ukuthi lokho . . . leyomibono yayiyiqiniso. Futhi beza lapho bephenya ngapho, futhi benza sengathi babengabefundisi, noMoya oNgcwele wembula ukuphila kwabo ngqo phambi kwabo. Ngakho sebengabangani bami. Omunye wabo oyiKatolika, iKatolika laseFransi, uMnu. Mercier, ngaphambi nje kokuphenduka kwakhe wayengumthengisi wasebhareni. UMnu. Goad ohlezi lapha, ngiyakholwa, ngaphambili, wayeyi . . . kubantu abavela ebandleni leMethodisti, kwakungesibo abantu benu na? umNazarene ohlubukile.

47 Ngabe, wasebenza nje ehhovisi ndawondawo, awuzange, Mfowethu Goad na? e—eGary, e-Indiana. Umthengisi wasebhareni nomfana wasehhovisi, iNazarene ehlubukile nomRoma Ka- . . . nomFrench Canadian Katolika, ndawonye ukungidalula.

48 Futhi benginga . . . Uma ngenza noma yini engalungile, ngifuna ukudalulwa. Ngi—ngi—ngi—ngi—ngifuna kulunge, manje. Lesi yisikhathi sokukulungisa, hhayi emva kokuba sengiwelele Lapho. Asikulungise, manje.

49 Ngabathola bengabanumzane abahloniphekile ngempela, abaqotho, abafana bangempela. Ngenkathi bengibuza ukuthi bebengawenza yini amateyipu . . . Bafanele babe nokuthile ukuba baphile ngakho. UMnu. Mercier ushadelwe manje. UMnu. Goad ekwenzeni. Uma kukhona noma yimaphi amanenekazi a . . . Uma ubuso bakhe bungebomvu manje!

Gene, ngenze lokho nje ukuze kube wushintsho e . . . ngizitholele mina ukuze ngikwazi ukubuyela kulendikimba.

Ngizofakaza ukuthi uyindoda ekahle. Ungubhuti wami, umfowethu wangempela.

50 Futhi manje, ngi—ngizokwetha isihloko lokhu, *U-Abrahama Nenzalo Yakhe Emva Kwakhe*. Futhi ngifuna ukufinyelela kuvuthondaba ku—kuGenesisi 22:14, noJehova-jire. Manje, siyazi ukuthi uNkulunkulu unamaGama ayisikhombisa ayinhlanganisela okuhlenga. Sonke siyakwazi lokho. U*Jehova-jire* kusho ukuthi, "iNkosi izoZibonela umhlatshelo."

51 U*Jehova-rafa* ngu "Jehova, iNkosi uMphulukisi wethu"; u*Jehova-manase*, "iBhanela lethu"; iHawu lethu; iSihlangu sethu; owethu o*Kunye nokunye*; ngokuthi: amaGama

ayisikhombisa ayinhlanganisela okuhlenga angakaJehova. NeGama laKhe lokuqala ngu*Jehova-jire*, "iNkosi izozibonela Yona umhlatshelo."

52 Manje, lalelisisani. Futhi uma uzofanele, uzenzele nje, uma omunye enyenyeza eceleni kwakho, uthi, "Ungathula nje umzuzwana nje, ngiyacela, ukuze ngithole lokhu, uyabo?" Khona-ke bayokwenza. Bayoba kahle.

53 Manje, sizoqala emuva, sibuyele emuva ngemuva, emva kokuba sesifike lapha lapho engifuna ukuletha khona intshumayelo ovuthwondabeni, asibuyele kuGenesisi isahluko 12. Uma ufuna ukubhala lezizindawo phansi, uGenesisi isahluko 12.

54 Futhi manje, sizokhuluma ngo-Abrahama. Manje khumbulani, ukuthi u-Abrahama . . . isithembiso senziwa ku-Abrahama. Sonke sikwejwayele lokho. Ngabe kunjalo, mfowethu ongumfundisi wasesontweni na? Isithembiso kwakungu-Abrahama, kuye.

55 No-Abrahama wayengesilo iJuda. U-Abrahama wayengoweZizwe. Wehla evela embhoshongweni, evela eBabiloni noyise, futhi wahlala ezweni laseShineyari lapho, izigodi, futhi—futhi wahlala emzini wase-Uri, izwe lamaKaledi. Futhi yena . . . A—amaKaledi ayakhe kulelozwe, futhi wayesemzini wase-Uri, futhi mhlampe, umlimi. Futhi wayeneminyaka engamashumi ayisikhombisa nanhlanu ubudala ngaphambi kokuba uNkulunkulu ambize. Wayeshade nodadewabo ingxenye, futhi igama lakhe kwakunguSarayi; igama lakhe lalingu-Abrama; futhi babengabantu ababili nje abajwayelekile. Futhi ngoluny'usuku uNkulunkulu wabiza u-Abrahama futhi wenza isivumelwano no-Abrahama (Manje, bhekisisani.) nenzalo yakhe emva kwakhe.

56 Manje, ngizobeka izincwadi ezimbili *lapha* futhi ngibize lezizincwadi (Niyabo?) ku-Abrahama nenzalo yakhe emva kwakhe. Manje, Akwenzela u-Abrahama, Ukwenzele inzalo yakhe emva kwakhe. Wonke lowo okuqondayo lokho ngokucacile manje, thanini, "Amen." [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.] Ku-Abrahama nenzalo yakhe emva kwakhe.

57 Manje, uma sizoqaphela kuGenesisi 12 ukuthi uNkulunkulu wabiza u-Abrahama ngokukhetha, hhayi ngoba u-Abrahama wayenze noma yini ukuba ikufanele, akusekho . . . Angahle ukuba wayengumkhonzi wezithombe. Angazi.

58 Futhi iBabiloni, bakhonza izimpande futhi . . . Uma uke wafunda ekaHislop i*Two Babylons*, umlando wasendulo, ubungathola ukuthi iBabiloni, lasungulwa nguNimrodi: kwakungukukhonza izithombe ngokuphelele nje, yilokho kuphela. Futhi wayeyi . . . Sithola iBabiloni ekuqaleni kweBhayibheli, maphakathi neBhayibheli, futhi ekugcineni kweBhayibheli. Futhi kwakuyi—yinqubo yenhlangano.

IBabiloni laliwumuzi ohamba phambili owenza onke amanye amadolobha amancane akhokhe intela kulo (Niyabo?), uhlobo olufana ne—nekomkhulu ndawondawo futhi lapho iziyalo zaphuma khona nabo bonke abanye babefanele bakhokhe kuleyondawo eyodwa. No-Abrahama wayehlile esuka lapho noyise. Manje, uNkulunkulu wambiza ngokhetho.

59 Manje, bazalwane, bazalwane bami abathandekayo abaligugu, uma kwenzeka ngiphuma enqubweni emfundisweni yangokomBhalo, uzongithethelela nje ngakho futhi wazi ukuthi kungukungazi kwami na? Ungakwenza, ngiyacela? Nabazalwane bami besayense yezenkolo phandle lapho, uma nizwa ukuthi ngi . . . imfundiso yami ayilungile, nizokukhohlwa nje na? Niyabo, nje . . .

60 Manje, abaningi benu bantu bangibhalela izincwadi amaletha futhi bethi, "Mfowethu Branham, sifanele senze *lokhu* futhi senze *lokho* na?"

61 Ngihlala ngithi, "Buzani umelusi wenu." Niyabo? Ngoba ngizokwenza noma yini engingayenza, nginiphendule ngezimfundiso eziqavile zobuvangeli zeBhayibheli. Kodwa lapho sekufika cishe: "Sifanele senze *lokhu* futhi senze *lokho*." Ngihlala njalo ngibhekisela kumelusi wakho, ngoba singahle . . . Indoda ngayinye, abekho ababili lapha, kodwa abangavumelani omunye nomunye ezintweni ezincane eziphathekayo, noma ngabe sifanele sikame izinwele zethu ngakwesokudla noma ohlangothini lwesobunxele. Futhi eyami, anginankathazo ngalokho. Ngakho—ngakho . . . Kodwa niyazi ukuthi ngiqonde ukuthini. Si—sinalezozinto, ngakho-ke ngihlala ngithi nje kulolonke ibandla, "Buzani umelusi wenu lezozinto." Uma ekuholele kude ngokwenele ukuba usindiswe futhi ugcwaliswe ngoMoya oNgcwele, awukwazi ukumethemba yonke indlela na? uma uNkulunkulu amhlonipha ngalokho.

62 Kodwa ekuletheni lomcabango ngesikhathi esifanele kubantu kulentambama, ngizosebenzisa imfundiso encanyana nje, engahle ibekwe phakathi, noma, into ethile efana naleyo, kodwa uma ungacabangi ukuthi kulungile, kubeke eceleni nje bese uqhubeka. Uma umelusi efundisa noma yini ethe ukwehluka kancane, khohlwani engikushilo ngakho (Niyabo?), ngoba ngizama ukufika ephuzwini. Ngethemba ukuthi lokho kulungile. Ngethemba ukuthi lokho kwenziwe kwacaca.

63 Kodwa, niyabo, u-Abrahama engelutho yena uqobo, wa—wabizwa ngokhetho. Manje-ke uma u-Abrahama wabizwa ngokhetho, khona-ke inzalo yakhe emva kwakhe izofanele ibizwe ngokhetho. Kunjalo.

64 UJesu wathi, "Akekho ongeza kiMi uma uBaba waMi engamdonsi kuqala. Nakho konke uBaba aNgiphe khona, kuyakuza kiMi." Yingalesosizathu ushumayela nje iVangeli ngokusobala kwalo; nokho izimvu ezikhethiweyo

zikaNkulunkulu ziyokuzwa lokho, futhi zikubambe ngokushesha impela, futhi bazokholwa ukuthi umbhaphathizo kaMoya oNgcwele (lapho abanye bezosuka bahambe futhi bahlekise ngawo) ngoba babekhethelwe ukukuzwa. Yilokho kuphela, niyabo?

65 Ngakho niyabona manje, ukuthi kungani iBandla, qobo lwalo, lingokhethiweyo . . . okhethwe ngaphambili nguNkulunkulu. Manje, ake ngikhiphe iZwi kwabaseThesalonika bokuQala i—isahluko 1 lapho okwathi khona, "Okumiselwe ngaphambili." Manje lelo akusilo igama elihle ukulisebenzisa phambi kwabantu, ngoba ukumiselwa ngaphambili yi . . . Bekungangcono uma besilisebenzisa kanje: ukuthi kwakungokwaziphambili, uNkulunkulu ngokwaziphambili kwaKhe wayengamisela ngaphambili enkazimulweni yaKhe uQobo. Niyabo?

66 A—Akashongo ukuthi, "Manje, Ngizokhetha *wena*. Futhi Ngizo*ku*thumela esihogweni. Futhi Ngizokhetha *wena*, futhi ngi*ku*thumele esihogweni." Lowo kwakungesiwo umqondo kaNkulunkulu. Wayefuna sonke ukuba size eZulwini. Kodwa enguNkulunkulu, Wayazi ngaphambili ukuthi ubani owayezokuza, nokuthi ubani ongayikuza. Manje, lokho kucacisa kwabaseRoma 4 . . . AbaseRoma 9, kwele 8 nele 9 lapho, lapho Asho khona ukuthi ukukhetha kukaNkulunkulu kungama kuqiniseke, ukuthi ngaphambi kokuba noma yimuphi umfana azalwe, ekhuluma ngo-Esawu noJakobe, uNkulunkulu wathi, "Ngiyamthanda uJakobe futhi ngiyamzonda u-Esawu." Niyabo? Ukwazi kwaKhe ngaphambili kwaMazisa ukuthi okwabo . . . ukuthi u-Esawu wayengelutho kodwa nje u—umkhohlisi omncane noma kanjani. Nokuthi uJakobe wayenembuyiselo kulobo buzibulo. Ngakho niyabo, ukwazi kwaKhe ngaphambili kuyaMazisa. Uma Wayengasazi isiphetho kusukela ekuqaleni, khona-ke Wayengesuye uNkulunkulu. Niyabo? NeBhayibheli lasho ukuthi thina, ibandla . . .

67 Manje, ngifuna nikhumbule: kunezigaba ezintathu zabantu, izigaba ezintathu zabantu ezweni, bekuhlala kunjalo, futhi kuyoba njalo kuze kube sekupheleni. Manje, asikusho lokho kanyekanye: "Izigaba ezintathu zabantu: abangakholwayo, abazenzisi, namakholwa." Kugcineni lokho engqondweni: izigaba ezintathu zabantu.

68 Manje, manje, isigaba esakhethwa ngaphambi kokusekelwa kwezwe, futhi sabizwa kuKristu ngaphambi kokusekelwa kwezwe. Bangaki owaziyo ukuthi uKristu wayeyiWundlu likaNkulunkulu elahlatshwa ngaphambi kokusekelwa kwezwe na? Awu, Wahlatshwa kanjani na? Ohlelweni olukhulu lukaNkulunkulu Wayazi ukuthi Wayezo—Wayezoveza iNdodana, naleyoNdodana iyoba nguMsindisi wabantu baYo. Ngabe kunjalo na? Ngakho lapho uNkulunkulu ekhuluma into, isivele iphelile. O, mfowethu. Uma . . .

69 Uphi lowodade omncane ebenginaye, umbono ubuphelile, emizuzwini embalwa edlule na? ehlezi khona lapha esihlalweni esinamasondo. Uma ubungabona lokho, dadewethu othandekayo, bekungaphela ngawe. Niyabo?

70 Lapho uNkulunkulu ekhuluma noma yini, lapho uNkulunkulu enza isitatimende, kuyikho inqobo nje uma Esho njalo, kuphelele, kufanele kufezeke. Kufanele nje. Bese kuthike lapho iZwi laKhe lingena kithi, akunandaba ukuthi senzani, ukuthi sibukeka kanjani, ukuthi sicabangani ngakho, Lizofanele lifezeke. Niyabo?

71 Ngakho uNkulunkulu akaliphathi ibhizinisi laKhe. . . Uma Asisindisa lapha, futhi azi ukuthi Wayezolahlekelwa yithi emva kwesikhashana, Yena, usomabhizinisi ompofu. Futhi ngakho-ke bonke Ayebazi ngaphambili U (ini?) babizile. Bonke Ababizile, Ubalungisisile; bonke labo Abalungisisile, Usevele ubakhazimulisile. Manje, kuzoba neBandla elizohlangana naYe lapho lingenabala noma umbimbi.

72 "Mfowethu Branham, ukuyo na?" Ngethemba kanjalo. Ehhe. Kodwa sisebenzela insindiso yethu uqobo ngokwesaba nangokuthuthumela. Futhi lapho ubona impilo yakho ingahambelani neZwi likaNkulunkulu, akunandaba ukuthi ungowaliphi ibandla, uyazi ukuthi uphumile enqubweni. Niyabo? Futhi uma nje uzokwenza okwakho. . . Uma wenza inkolo yakho ngoba wazi ukuthi yinto ethile ofanele uyenze, udlala nje ingxenye yomzenzisi. Uma kungaveli enhliziyweni yakho ukuthi uthanda uNkulunkulu, khona-ke unephutha kwasekuqaleni. Niyabo? Uyathanda; wuthando olulawula yonke into.

73 Manje, manje bhekisisani. U-Abrahama wabizwa ngokhetho, akukho lutho u-Abrahama alwenza. Futhi manje qaphelani, isivumelwano kuGenesisi 12 (Niyabo?), sonke isivumelwano sanikwa u-Abrahama; sonke isivumelwano singumusa ngokuphelele (Niyabo?), hhayi "Abrahama, uma uzokwenza into ethize, Ngizokwenza into ethize." Kwakungesikho ukuthi, "Uma—uma uzokwenza *lokhu*, Ngizokwenza *lokhu*."

74 UNkulunkulu wenza isivumelwano nomuntu, nomuntu njalo wephula isivumelwano saKhe. Watshela u-Adamu, "Uma ungadli kulowomuthi, uzophila," kodwa u-Adamu udla kuwo. Futhi Wamtshela isivumelwano Asenza nabo esivumelwaneni sikaMose ehlane lapho; basiphula.

75 Njalo lapho uNkulunkulu enza isivumelwano nomuntu, umuntu uyasephula. Kodwa ngalesisikhathi uNkulunkulu wenza isivumelwano no-Abrahama nenzalo yakhe ngaphandle kombandela. Manje, niyaqonda na? Hhayi, Abrahama, "Uma uzokwenza *lokhu*, Ngizokwenza *lokhu*." Kodwa, "Abrahama, seNgivele ngikwenzile. Sengivele. . . Uzoza kiMi. Usuvele

usindisiwe; uyoza kiMi usukhulile." Usevele ukwenzile. Futhi manje, akusikho namhlanje, "Uma uzokwenza into ethize, uma uzokwenza *lokhu*, uma wena *lokho*. . ." Sekuvele kuqediwe, hhayi ukuthi, "Uma uzohamba futhi ufunde imfundo enhle, uma uzokwazi konke *lokhu*, *lokho*, noma *okunye*. Ngi—Ngizo—Ngizokuphulukisa. Ngizokusindisa uma uzothola iZiqu zobuCiko."

76 "SeNgivele ngikwenzile; sekuphelile. Ngifuna nje nifinyelele lapha futhi nikuthole. Yilokho kuphela." Niyabona ukuthi ngiqonde ukuthini na? Abra-. . .Into kuphela u-Abrahama ayefanele ayenze kwakungukuhlala esivumelwaneni saKhe. Wayengadingile enze lutho ngesivumelwano; uNkulunkulu usevele ukwenzile lokho naye. Wadingeka nje ahlale anganyakazi. Haleluya! Manje sengiqala ukukholwa. Niyabo?

77 Lapho sazi lokhu, ukuthi into kuphela esifanele siyenze, ukudla ifa lanoma yisiphi sezithembiso zikaNkulunkulu, ngukuhlala unganyakazi eZwini likaNkulunkulu, ungavumeli lutho lukunyakazise kuLo.

78 Manje qaphelani, Wafanekisa ngokuphelele u-Abrahama nenzalo yakhe emva kwakhe. Futhi ngizolandela imigamanxo yempilo ka-Abrahama, bese-ke ngilandela imigamanxo yenzalo ka-Abrahama, futhi sibone ukuthi uNkulunkulu uligcinile yini iZwi laKhe uhlamvu nohlamvu.

79 Manje, u-Abrahama. . .Siyazi ukuthi yinye kuphela indlela esingasindiswa ngayo, futhi lokho kusesivumelwaneni no-Abrahama, ngoba senziwa ku-Abrahama. Kodwa iBhayibheli lathi, "Thina sikuKristu, thina sifile kuKristu sithatha inzalo ka-Abrahama futhi siyizindlalifa kanye no-Abrahama." Ngabe kunjalo na? Manje, uKristu uyiNzalo yobuKhosi ka-Abrahama. Ku-Abrahama kuvela u-Isaka; ku-Isaka kuphuma uJakobe; kuJakobe kuphuma uJosefa; kuJosefa, kanjalonjalo kwehle njalo, uDavide; UDavide njalo; njalo; u*s'bani-bani*; kwaze kwathi ekugcineni kwazalwa iNzalo yobuKhosi okwakunguKristu; nakuKristu, wenza u-Abrahama uyise wezizwe zonke. Nesivumelwano sika-Abrahama siqiniswa kubantu un-. . ., noma, kunikezwe abantu ngaphandle kombandela.

80 Manje, fundani manje esahlukweni 12, Wenza isivumelwano no-Abrahama ngaphandle kombandela. Wabiza u-Abrahama. Ngezwa abantu bethi, "Ngafuna uNkulunkulu, futhi ngafuna uNkulunkulu, futhi ngafuna uNkulunkulu." Uyaphaphalaza. UNkulunkulu wafuna wena, futhi wafuna wena, futhi wafuna wena. Kwakungesuwe ufuna uNkulunkulu; nguNkulunkulu efuna wena.

Ngani, khona impela ukuqala kwakufakazisa. U-Adamu, kwakufanele kube u-Adamu empompoloza, "Baba, Baba Ukuphi na? Ngonile, ngonile, Baba."

Kodwa kwakunguNkulunkulu ethi, “Adamu, Adamu, ukuphi na?” Niyabo? Ngakho njalo ku . . .

Ubungaphuma futhi utshele ingulube ukuthi inephutha ngoba idla ingxavungxavu na? Ibingakukholwa na? Qhabo, mnumzane. Ibiyokutshela, “Naka izindaba zakho.”

81 Futhi kungaleyondlela ngesoni. Ungeke usitshele lutho. Angeke sikulalele. Angeke ngisho sihlale ebandleni imizuzu emihlanu ukuba sikulalele. Siyingulube kwasekuqaleni. Singumthuthambi, inqe; leyo yimvelo yaso. Niyabo? Ngakho u—u—ungeke usitshele lutho, ngoba yilokho nje esiyikho. Siyinqe. Asikwazi ukuzondla ngezinto ezinhle.

82 Manje, qaphelani. Khona-ke lapho uthola lokho, lokho uNkulunkulu akusho ku-Abrahama . . . Wabiza u-Abrahama, futhi uma wake wabizwa, kwakungesuwe owenza ukufuna; kwakunguNkulunkulu efuna wena. Futhi ngomusa kaNkulunkulu Wakusindisa, hhayi ngoba wenze okuthize, hhayi ngoba ufanelwe yikho, kodwa ngoba umusa kaNkulunkulu kuwe ukwenzile. Wonke umuntu uyakuqonda lokho, thani, “Amen.” [Ibandla lithi, “Amen.”—Umhl.] Manje, siyaqala.

83 Manje, kwakuyini na? Ngenkathi uNkulunkulu ethatha umuntu futhi wambiza kuqala, kwakuyini lokho na? Ukulungisiswa. U-Abrahama mayelana nokuzwa iPhimbo likaNkulunkulu likhuluma kuye, wakholwa yiNkosi uNkulunkulu. Ngabe kunjalo na? Ngakho-ke, walungisiswa ngokukholwa, ngokukholwa eNkosini uNkulunkulu. Ngabe yilokho esiyikho, inzalo ka-Abrahama na? KwabaseRoma 5:1.

> *Ngakho lokhu sesilungisisiwe ngokukholwa, sinokuthula kuNkulunkulu ngeNkosi yethu uJesu Kristu.* (KwabaseRoma 5:1)

Manje, u-Abrahama wamkholwa uNkulunkulu. Futhi kwabalelwa kuye ukuthi kungukulunga, noma, kwabalelwa kuye ukuthi kungukulunga.

84 Sawubona? Wena uthi, “Awu, ngi—ngi—ngingomunye we . . . Ngi—ngingokaJones; ngi—ngi—ngihlala kwethize . . . ” Lokho akuhlangene ngalutho nakho. UNkulunkulu wakubiza, futhi wemukela ubizo. Futhi ngokukholwa kwakho, ngokwemukela uKristu, iNzalo yobuKhosi ka-Abrahama ekubizayo, khona-ke ulungisiswa ngokukholwa. Ngabe kunjalo na? Yileyondlela kuphela engikwazi ngayo. Lowo ngumBhalo ngokwazi kwami. Ngiyazi ukuthi ngangiyisoni, isikhundla. UNkulunkulu wangimisa maphakathi nesono sami futhi wangqongqotha emnyango wenhliziyo yami, [UMfowethu Branham ungqongqotha epulpiti—Umhl.] ngase ngiphenduka ngase ngibuka emuva, ngathi, “Ubani na?”

Wathi, “NgiyiNkosi yakho.”

Ngathi, “Khona-ke Nkosi mangize.”

Angizange ngime ngase ngithi, "Heyi, Nkosi, heyi, ukuphi na? Ngifuna ukukhuluma naWe isikhashana." Niyabo? Qhabo, awukwenzi lokho. NguNkulunkulu okumisayo.

85 Ngakho manje, kungomusa ukuthi uNkulunkulu wakubiza, hhayi lokho okwenzile, lokho obungakwenza, lokho ozokwenza. Uma uyinzalo ka-Abrahama, uNkulunkulu wakhuluma kuwe ngomusa waKhe omangalisayo, njengoba Enza nje ku-Abrahama esahlukweni 12 sikaGenesisi.

86 Manje, manje, futhi khona-ke qaphelani: Kwathi nje u-Abrahama angakholwa uNkulunkulu ngokulungisiswa (Sikholwa yiNkosi, silungisisiwe.), masinyane uNkulunkulu wabizela u-Abrahama ukwehlukana ngokuphelele nakho konke ukungakholwa. Ngabe yileyondlela Enza ngayo kuwe na? Zahlukanise nezihlobo zakho, kubo bonke ohambisana nabo; baphuma esitolo sokubhejela; phuma emahholo omdanso; suka ezintweni zezwe. UNkulunkulu ubiza ukwehlukana okuphelele, enzalweni ka-Abrahama, ngoba yilokho Akubiza ngo-Abrahama.

87 Ingabe nikwenza iphethini na? *Leli*thuluzi ngu-Abrahama, *leli*thuluzi limele inzalo yakhe emva kwakhe. Nesivumelwano senziwa kubo bobabili u-Abrahama nenzalo yakhe emva kwakhe. Futhi njengoba u-Abrahama wabizwa ngomusa, ngokukhetha, kanjalo nenzalo yakhe yabizwa ngomusa nokhetho. Niyabo? Bezwa iPhimbo likaNkulunkulu futhi bamkholwa uNkulunkulu, futhi kwabalelwa kuye ukuthi kungukulunga. Bezwa iPhimbo likaNkulunkulu ebhareni, nomaphi lapho Lalikhona, futhi wamkholwa uNkulunkulu, futhi u-Abrahama wayalwa ukuba azithibe futhi azehlukanise nezinto zezwe, kanjalo-ke nenzalo ka-Abrahama: iyazahlukanisa enzalweni . . . nezinto zezwe.

Ukulungisiswa ngokukholwa, besingahlala kulokho yonke intambama, kodwa sifanele siphuthume.

88 Manje, njengoba sithola, u-Abrahama akazange alalele ngokugcwele. Manje, yileyondlela ngenqwaba yethu thina bantu. Ngokushesha nje lapho sihamba futhi senze ukuvuma, siyacabanga, "Awu, manje, sijoyine ibandla futhi sizoba ngabantu abahle impela. Singomakhelwane. Ngeke kulimaze ukubhema kancane." Noma, "O, uma nje ngigcina iphathi yami yekhadi, ngihambe, lokho ngeke kulimaze lutho." Kodwa khumbulani, uNkulunkulu akazange ambusise u-Abrahama waze walalela ngokugcwele. Futhi uNkulunkulu akayikubusisa inzalo yakhe uze ulalele ngokugcwele, izehlukanisa nezinto zezwe.

89 "Phumani phakathi kwabo. Zahlukaniseni," isho iNkosi. "Ngizokwemukela. Ningathinti okungcolileyo kwabo. Hlalani kiMi, neZwi laMi likini, celani enikuthandayo, futhi niyokwenzelwa khona." Niyabo?

90 Manje niyabo, ufanele uphume ezweni. Kodwa wenzani u-Abrahama na? O, wayenomshana wakhe, uLoti, ilunga lebandla, elisivivi; noyise, ikhehla laliyimpukane emafutheni, inqobo nje uma lalinamathele; futhi—futhi wathatha ezinye zezinto wahamba nazo. Futhi yileyondlela nje esizama ukuyenza. Sizama ukudonsa singenise emabandleni, singenise enhlanganweni yethu, izinto zezwe.

91 Manje, bazalwane bami beMethodisti, ngiyanithanda. Bazalwane bami beBaptisti, ngiyanithanda, ngokufanayo nje njengoba ngithanda abazalwane bami bePentecostal, kumbe noma ngabe kuyini. Kodwa niyabo, sizama ukudonsa izinto zezwe, futhi sihambisane nakho ngqo njengoba kwenza u-Abrahama. Anginenzi okungesibo ubuKristu ngenhlangano yenu. Ngiyanitshela kuphela, awumlaleli ngokugcwele uNkulunkulu uze uzehlukanise.

92 Manje, lapho usagijimela emibukisweni yezithombe ukubona lonke uhlobo lwesithombe esidala, lapho uhlala ekhaya futhi uvumele imihlangano yakho iphume kusenesikhathi ebusuku ukuze babone uhlelo lwethelevishini olungahlungiwe, ukuze nikwazi ukwehlela ekamelweni lenu elingaphansi, nabanye benu mabandla amaProtestane nenza lokho, futhi ninemidlalo yeBunco nezinto ekamelweni elingaphansi, amasapha amasobho, imidanso emincane yobungani, kulokho okubizwa nge "YMCA," kufundiswa umculo wokuzibinya.

93 Futhi lalelani. Nina, bazalwane bami beMethodisti, ngenkathi cishe emavikini ayisithupha edlule, umama wami (UyiMethodisti naye.), ngenkathi engibizela ezansi endlini, futhi lapha e-Indiana bona benomdanso wokuzibinya ebandleni leMethodisti kwithelevishini, bemboza imiyalo yezinto ezinjalo, futhi babuza i...ngisho nomxhasi i—indoda yethelevishini yathi, "Awucabangi ukuthi lokhu bekufanele...a—abantu bebeyokugxeka na?"

94 Wathi, "Sekuyisikhathi eside ibandla leMethodisti lakhohlwa ubuciko obuhle bomculo wokuzibinya." Ukuba uJohn Wesley wayekwazi lokho, ubeyophenduka ethuneni lakhe. Nihambe kakhulu ezintweni zezwe. Niyazi ukuthini? Nina maMethodisti...

95 Ngakhuluma noJack Shuler. Leyo ngenye ye—enye yamadoda amahle kunawo onke onawo. Ninezigidi zamadoda akahle, abantu bebandla leMethodisti, amanye awedlula onke. Ngibuka ebusweni babefundisi ababili beMethodisti, khona manje, lowo ngabangane bami besifuba. Akukho-madoda engcono emi egqoke isicathulo sesikhumba, ngokwazi kwami. Kunjalo. Kodwa uyakhohlwa; awuzehlukanisi.

96 UJohn Wesley kwaba nguye owaqala ukushumayela ukungcweliswa, futhi uzehlukanise nezinto zezwe. Nani besifazane beMethodisti nigqoke izikhindi, nipenda ubuso

benu, futhi anazi yini ukuthi umsunguli wenu wathini ngezinto ezinjengalokho na? Kodwa ninepulpiti elibuthakathaka nesakhiwo esikhulu. Yileyo indaba ngani. Futhi ningabuki ngale bese nihleka amaBaptisti, ngoba, maBaptisti, niyafana. Futhi, Pentecostal, niyafana. Manje, sifanele nje sikulungise, manje yilokho kuphela.

97 Manje, okudabukisa kanjani. Anazi yini ukuthi uma uyinzalo ka-Abrahama, ufanele uzehlukanise nezinto zezwe, ngoba kwenziwa ku-Abrahama nenzalo yakhe emva kwakhe na? Futhi u-Abrahama akazange angene esibusisweni. Akumangalisi, kulemihlabathi lapha, ngaleya eWheaton College, ezansi e-Asbury, ngale eMoody lapho esiya khona ngokulandelayo, eChicago eMoody, kungani bengenazo izimvuselelo njengoba babevame ukuba nazo na? Anizahlukanisi, bantwana baka-Abrahama. UNkulunkulu uyoke asebenze kanjani endaweni enjengaleyo, lapho Engenakukuthola ngisho ukuba uphile ngokuziphatha na? Kunjalo. Akasoze abe nemvuselelo esekelwe phezu kwezinto ezinjengalokho.

Manje, wena uthi, "Mfowethu Branham, uyasithukuthelela." INkosi mayibe nguMahluleli wami. Niyabo?

98 Kodwa uma umuntu othile engakutsheli, uma into ethize ingenzeki, uzosongeka ngaleya ekugcineni kwechibi elincane. Manje, phuma entweni enjalo. Nina, nina eni. . . Kuthiwani ngebandla leMethodisti, nina bantu beMethodisti, ngenkathi babevame ukwehla ngomgwaqo, nani maMethodisti lapha, ngenkathi niqala ukufika, ngenkathi u-Asbury wayengapha, futhi naba nemihlangano eyimfashini endala ngenkathi abantu bewela kwiphansi benoMoya oNgcwele, bekhuleka lapho, bekhahlela futhi bedazuluka futhi bephonsa izandla zabo phezulu, futhi ubuyofafaza amanzi ebusweni babo nezinto ezinjalo ukubaletha kuzo na? O Nkulunkulu! MaMethodisti, kwenzekani kulesosehlakalo na? Kukuphi namhlanje na? Kwenzekani na? Kukhona okungahambanga kahle. Niyabo, nishushumba ngale e. . . Niphuma endleleni nisuka enzalweni ka-Abrahama.

99 Manje bhekisisani, Nkulunkulu, into elandelayo. . . Manje lokho kwakungukulungisiswa. Ukusheshisa. Manje, wenzani uNkulunkulu manje kuGenesisi 12 na? Wasindisa u-Abrahama ngokukhetha, no-Abrahama walungisiswa ngokukholwa, ekholwa eZwini likaNkulunkulu. Ngabe kunjalo na? MaBaptisti, ngabe yileyondlela eniWuthole ngayo na? MaMethodisti, ngabe yileyondlela eniWuthole ngayo na? Pilgrim Holiness, maNazarene, maPentecostal, ngabe yileyondlela enikuthole ngayo na? Impela, kunjalo impela. Manje, bhekisisani isigaba sohambo; baqhubeka bahamba.

100 Ukukwenza kusheshe manje, ngifuna nihambe nami siye

endaweni elandelayo manje kuGenesisi 15. Inqwaba yezinto phakathi lapho ebesingayithatha iviki, iviki, neviki neviki kuqhubeke, kodwa nje ukuletha lezizigaba kini ukunikhombisa ukuthi Wenzani.

101 Esahlukweni 15 u-Abrahama uqala ukumangala, "Ngiyoke ngizazi kanjani lezizinto." Khona-ke uNkulunkulu waqinisa isivumelwano kuye. Umnika isiqinisekiso sesivumelwano. KuGenesisi isahluko 15 sithola ukuthi; ngenkathi esezehlukanise ngokuphelele, uLoti wehlela eSodoma, nendoda endala yafa, no-Abrahama wazehlukanisa futhi waba yedwa, khona-ke uNkulunkulu uqala ukukhuluma kuye.

102 MaBaptisti, yenzani lokho! MaMethodisti, yenzani lokho! MaPentecostal, yenzani lokho! Zahlukanise nezinto zezwe futhi nibone ukuthi uNkulunkulu akahambi yini ukuyokhuluma nani. Zahlukanise nezinto zalokhu ukuphila futhi nithole ukuthi uNkulunkulu akakhulumi yini nani. Kodwa lapho esekwenze ngokuphelele, wathi, "Manje, bona ukuthi Wangenza isithembiso sendodana, futhi ngihamba ngingenamntwana, nendlalifa yami kuphela yilo-Eliyeza wase—waseDamaseku," wathi, "ngizohamba kanjani . . . kuzokwenziwa kanjani na?"

103 Manje, lalelisisani nonke. Manje lapho, u-Abrahama, kuGenesisi 1, walungisiswa ngokukholwa. Manje, nakhu kungena emfundisweni yakho kaJohn Wesley. Nakhu kufika ekungcwelisweni kwakho—kwakho, noma ukuqinisa kwakho isivumelwano.

104 Khumbulani, u-Abrahama wathatha imbuzi yesikazi, isithole, ne . . . izilwane ezintathu: imbuzi, imvu, isithole, esineminyaka emithathu ubudala, lezo zontathu ziyisiqinisekiso, okuthathu nganitshela futhi ukuba nibambe, iminyaka emithathu ubudala. Futhi wababulala futhi wabahlukanisa. Ngabe kunjalo na?

105 Wase-ke ethatha ihobhe nejuba elifuywayo elimele ukuphilisa ngokukaNkulunkulu, akazange akuhlukanise. Niyakuqaphela lokho na? Akazange . . . IBhayibheli lathi u . . . Lapho ufunda lokhu emuva manje emva kokuba sengihambile, akazange ahlukanise ijuba elifuywayo nejuba, ngoba ngani na? Kwakukhona uguquko esivumelwaneni sisuka kuKristu siya e . . . sisuka ekubeni yiwundlu kuze kube yiWundlu likaNkulunkulu, kodwa ukuphulukisa ngokukaNkulunkulu bekuhlala njalo kwesekeleke phezu kokukholwa kwakho. Akazange ahlukanise ijuba nezinyoni. Wakubeka phansi lapho, kodwa wahlukanisa imihlatshelo yeminyaka emithathu.

Manje, kwakuyini na? Ukuchitheka kwegazi.

106 Eyokuqala yenzalo ka-Abrahama onyakeni webandla . . . Niyakholwa ukuthi unyaka webandla waqala emva kwePhentekoste na? Niyawukholwa lowomzuliswano wokuqala lapho, wamaJuda, kanjalonjalo na? Khona-ke niyakholwa

ukuthi inguquko yokuqala yebandla elibizelwe ngaphandle yoHlwitho kwakuyiqembu lamaLuthela na? Impela kwakunjalo. Washumayela, "Olungileyo uyakuphila ngokukholwa." Wala isidlo ngokuthi ngumzimba wangempela kaKristu futhi wasiphosa kwiphansi, lowompristi osemncane uMartin Luther, futhi washumayela, "Olungileyo uyakuphila ngokukholwa." Ngabe kunjalo na?

UJohn Wesley washumayela ukungcweliswa, umsebenzi wesibili oqinisekile womusa (Ngabe kunjalo na?), ezehlukanisa nezinto zezwe.

107 Manje, Wasebenzana no-Abrahama phansi kokulungisiswa. Khona-ke inzalo ka-Abrahama yayinguMartin Luther phansi kokulungisiswa. Manje, Uza ku-Abrahama ekuqinisweni kwesivumelwano kanti futhi Uza ngapha enzalweni ka-Abrahama ekuqiniseni isivumelwano sokubuyela eGazini, ukubulawa koMhlatshelo. O, niyakubona na? Thanini, "Amen" uma nikwenza.

Lalelani, khona-ke Ubuyela emhlatshelweni. Bhekisisani, ake ngithathe umzuzu nje ukuthi umhlatshelo waqiniswa kanjani. Khona-ke sizosheshisa.

108 Manje, qaphelani ngokushesha. Senza kanjani lapho siqinisa i—isivumelwano na? Ngithi ku, *lo*mfowethu *lapha*, sukuma umzuzu nje. Ungumalusi, unebandla na? Wena uthi, unebandla na? [Umfowethu uthi, "Qhabo, ngingumvangeli."—Umhl.] Kulungile.

109 Awusho, *u*nalo ibandla na? Kulungile, sukuma umzuzu nje. Une—unebandla. Wena uthi, "Mfowethu Branham, asiphume futhi sibe nelantshi encane ndawonye."

"Kulungile."

"Ungeza ebandleni lami futhi ubambe imvuselelo na?"

"Um. Ake sibone. O, ngi—ngizokutshela ukuthi sizokwenzani. Sizokwenza into e*thize-thize*."

"Ya, ngizokwenza lokho."

110 "Nyakazisa, mfana; yilokho-ke. Yiba khona lapho." Ngabe yilokho na? Yileyondlela esiqinisa ngayo izivumelwano zethu (Kunjalo na?) ngokuxhawulana: dlana into ethize encane, xhawula. Sizovuma. Leso yisithembiso sethu komunye nomunye, isandla sethu sokunene, "Mbeke lapha; sizokwenza." Leso yisivumelwano e-United States.

111 Awu, niyazi ukuthi bakwenza kanjani eJapani na? Bayaphuma futhi badle kancane, futhi lapho sebebuya, futhi bazokwenza, baqinise isivumelwano sabo, bathola uphiso oluncane lukasawoti, futhi bayama bese bephosa usawoti omunye komunye. Lokho ngukuthi, usawoti ungukuthintana, isinongo (Niyabo?), okusho ukuthi ba. . .ukuthi baqinisa kanjalo-ke isivumelwano sabo.

112 Kodwa benazi yini ukuthi babekwenza kanjani emazweni asempumalanga ngezinsuku zika-Abrahama na? Ngethemba ukuthi angidabuli lutho oluyigugu; lencwadi encane lapha eneduku kuyo, kodwa ngifuna ukusebenzisa okuthize. Bathatha leyomihlatshelo futhi babulala umhlatshelo... Ngiyethemba niyaqonda, nginemihlatshelo emithathu lapha, kwakuyilesisikhathi, kuchaza izinhlanga ezintathu, izizukulwane ezintathu, *kanjalo-kanjalo* njalo. Manje, si... Iminyaka yebandla emithathu nokunye nokunye okokugcina kokubizwa kweBandla.

113 Bese-ke bebulala lomhlatshelo; bahlangana ndawonye, naphezu kwesikhumba somzimba esasiyisikhumba sewundlu, babhala: "Ngizovuma ukwenza *ukuthi-nokuthi-nokuthi* nawe."

"Yebo, siyakwenza lokho." Kulungile. "Ingabe uzohlangabezana nalesisibopho na?"

"Ngizohlangabezana. Ngizohlangabezana naso." Kulungile. "Uzokwenza *ukuthi-nokuthi* na?"

"Ya, ngizokwenza, ngizohlangabezana nakho."

114 Kulungile, babulala umhlatshelo; bama ngqo phakathi kwalemihlatshelo, baphakamisele izandla zabo kuNkulunkulu, futhi benze isifungo: Uma bephula lesisivumelwano, umzimba wabo mawube njengalomzimba ofile olele lapha. Bese-ke bethatha lokhu futhi bakudabule. Omunye uthatha ucezu olulodwa nomunye athathe olunye ucezu. Manje, ayikho indlela ezweni yokuba uke uhlanganise okwesisila sejuba lokho kubuyele ndawonye futhi. Kufanele kube yinto efanayo lapho sihlangana ndawonye. Ngiphethe ingxenye yami yakho; uphethe eyakhe.

115 Manje, wenzani uNkulunkulu na? Wayezomtshela ukuthi Wayezokwenzani, ukuthi Wayezokwenza kanjani ngoMhlatshelo, ukuthi Wayezomenza kanjani uyise wezizwe, futhi nokho wayengakamniki lelogama, kodwa Wayezomenza uyise wezizwe, futhi wabulala umhlatshelo, ekhuluma naye kulokhu.

116 Manje bhekisisani. U-Abrahama wabonani na? Into yokuqala emva kokuba esebulele umhlatshelo, wavimba izinyoni kukho laze lashona ilanga. Lapho ilanga selishonile, kwenzekani na? Ubuthongo obunzima bamehlela u-Abrahama. Ngabe kunjalo na? UGenesise 15. Ubuthongo obunzima phezu kuka-Abrahama. Yini leyo na? Ukufa kuso sonke isidalwa esingumuntu, yonke inzalo ka-Abrahama.

117 Kwenzekani ngokulandelayo emva kobuthongo obunzima na? Kwase kuthi-ke ukwesabeka okumnyama kufika phambi kwakhe. Khona-ke kulokho kuvela isithando somlilo esishunqayo, lapho sonke isoni siya esihogweni. Kodwa emva kwalokho kwahamba ukuKhanya okuncane okumhlophe nalokhu ukuKhanya okuncane kwahamba phakathi

komhlatshelo. Wathi, "Uyabona ukuthi ngizokwenzenjani kukho, Abrahama na?" UkuKhanya okuncane, uNkulunkulu ungukuKhanya. Futhi Wahamba phakathi kwalomhlatshelo, lezizicucu zomzimba ezifile lapha. Wayenzani na? Enza isivumelwano. Wafunga ngobani na? Yena uqobo. Wayengefunge muntu omkhulu kunaye. Uhlala njalo ufunga omunye omkhulu kunawe. Ngakho akukho-muntu, iBhayibheli lasho, ukuthi Wayengafunga ngaye, ngoba Ungomkhulu kunabo bonke, futhi Wazifunga Yena (ini?): Uyosigcina isivumelwano no-Abrahama nenzalo yakhe. Haleluya!

118 "Ngizozifunga Mina ukuthi Angisoze ngahluka iZwi elilodwa esivumelwaneni saMi nawe noma inzalo yakho emva kwakho." Kuthiwani ngalokho, dadewethu na? Kuthiwani ngalokho na? "Ngizoligcina iZwi laMi." Wazifunga Yena, iBhayibheli lathi Wakwenza. "Ngiyakugcina isivumelwano saMi. Ngizofunga kuwe, Abrahama, ngizokwenza."

[Akuqoshwanga eteyipini—Umhl.] Bazalwane abangabomthetho, angihlosile ukuncinza kanzima, kodwa nje ngifuna ukusho into eyodwa lapha, umzuzu nje.

119 Bukani lapha, bukani ukuthi Wenzeni. Wakwenza kanjani na? Wayekhuluma ngani na? Impela wena ungowomoya ngokwenele ukukubamba. Wenzani na? UKristu wayeyileyoNzalo yobuKhosi ka-Abrahama eyathenjiswa. Ngabe kunjalo na? Wenzani ngaYe na? WaMyisa eKalvari.

120 Waphila emhlabeni. Wafakazisa ukuthi WayenguMesiya ngezibonakaliso nezimanga, azi izimfihlo zenhliziyo, ebona imicabango yabo, efakazisa ukuthi WayenguMesiya owayezofika. Ngabe sikufundisile lokho kuleliviki na? Ngabe iBhayibheli lisho njalo na? IZwi likaNkulunkulu lasho njalo na? Wafakazisa ukuthi WayenguMesiya.

121 Wenzani ngaYe na? WaMyisa eKalvari futhi Wamdabula, wavusa umzimba waKhe ngosuku lwesithathu waba yingxenye yaKhe, futhi waWubeka ngakwesokunene saKhe, futhi wathumela uMoya ofanayo owawuphezu kukaKristu wehlela eBandleni laKhe (Haleluya!) ukwenza umsebenzi ofanayo nento efanayo Ayenza.

122 Siphi isivumelwano sakho, isiqephu sakho sezimpahla na? Lapho leloBandla langokoqobo likaJesu Kristu liza ukuhlangana ekuvukeni, lowoMoya ofanayo okuKristu uzofanele uhlangane okwesisila sejuba nalesosivumelwano esifanayo. Angikhathali ukuthi hlobo luni lwenganekwane ngeMethodisti, iBaptisti, iPentecostal, noma ngabe yini onayo, uma uMoya kaKristu ungekho kuwe, khona-ke awusiyo inzalo ka-Abrahama, futhi awukho esivumelwaneni; ngoba yilapho Aloba khona isivumelwano. Amen.

123 Uma wehluka kukho, funda iBhayibheli lakho. Khona-ke uMoya, uMoya phezu kukaKristu useBandleni.

"Kuseyisikhashana izwe lingabe lisaNgibona, nokho niyoNgibona nina, ngokuba Ngi . . ." *Ngi* yisabizwana somuntu. " . . . Ngiyoba nani, ngibe kini. Nemisebenzi engiyenzayo Mina nani niyakuyenza. Ngiyoba lapho kuze kube sekupheleni kwezwe. Lezizibonakaliso ziyakubalandela abakholwayo."

124 Ngiyanidabukela nina maMethodisti angakholwayo, nina maBaptisti angakholwayo, nina maPentecostal angakholwayo, enizisho ukuthi niyinzalo ka-Abrahama bese-ke niphikisana neZwi laKhe, nithi, "Izinsuku zezimangaliso selwedlule." UNkulunkulu wafunga ngesifungo Uyogcina leyonzalo iphila kuzo zonke izizwe ngezizukulwane zonke: iNzalo ka-Abrahama. Amen. Kodwa ngegazi, Wakuqinisa esahlukweni 15.

125 Manje, ake sithi ukuqhubeka kancane. Wenzani na? Ukulungisiswa khona-ke ngokukholwa, ngokukholwa: Ukulungisiswa enzalweni yaKhe (Kunjalo na?) ngoMartin Luther. Ukungcweliswa ngegazi, kunjalo na? Ukungcweliswa eBandleni laKhe ngoJohn Wesley. Manje ini na? U-Abrahama useneminyaka eyikhulu ubudala.

126 Phenyani ekhasini elilandelayo eBhayibhelini lenu, isahluko 17. Bona ukuthi uNkulunkulu uyaligcina yini iZwi laKhe. U-Abrahama useyindoda endala. Uneminyaka eyikhulu ubudala, wayenjalo, eshoda ngonyaka owodwa; wayeneminyaka engamashumi ayisishiyagalolunye nesishiyagalolunye. NeNkosi yabonakala kuye eGameni lika *El-Shaddai*, "isifuba."

127 Ngiyaxolisa, manenekazi asemancane, bodadewethu. *El*, livela egameni elithi "Onamandla"; *Shad* kusho "ibele." *Shaddai* kusho "onamabele." UNkulunkulu, Wathi, "NginguNkulunkulu uSomandla."

128 Manje, uma une*Bhayibheli iScofield*, noma uma une*Thompson Chain*, noma uma uthola i*Emphatic Diaglott*, kumbe noma yikuphi ukuhlaziya, niyaqaphela ukuthi lelogama labhidlika ngenkathi eMbiza ngalokho, waMbiza ngo "El," futhi Wabonakala kuYe eGameni lika El-Shaddai. Umlayezo omangalisa kanje pho endodeni endala ekade ikholwa yilesosithembiso, manje, iminyaka engamashumi amabili-nane. NeBhayibheli lathi, "Waya ngokuqina ngaso sonke isikhathi."

"Uzizwa unjani, Sara na?"

"Akukho kwehluka."

"Udumo kuNkulunkulu, sizoba naye owesifazane."

Kwedlula iminyaka eyishumi nanhlanu. "Uzozizwa unjani, Sara na?"

"Awu, a—a—angehlukanga nakanci. Ngi . . ."

129 Lalelani ngizoba sobala ngempela, futhi lalelani. Niyabo, wayesemile njengokuba umama, noma, engowesifazane, niyazi, izinsuku ezingamashumi amabili-nesishiyagalombili, kusukela esikhathini eseyintombazane encane, kuyanqamuka

cishe amashumi amane, iminyaka engamashumi amane-nanhlanu ubudala; futhi ngenkathi uNkulunkulu embiza, wayenamashumi amathathu, iminyaka engamashumi amabili edlule lokho. Manje bukani ukuthi ukuphi. Uneminyaka engamashumi ayisikhombisa-nanhlanu ubudala. Ya, ungaphezu kwalokho; uneminyaka engamashumi ayisishiyagalombili nanye ubudala. Kodwa bukani, esikhundleni sika-Abrahama eya ngokuba buthakathaka . . . Senilungele na? Esikhundleni sika-Abrahama eya ngokuba buthakathaka ngenkathi ebona kungenzeki, iBhayibheli lathi waqina kakhulu. Amen.

130 Futhi lapha kuzofanele kwenzeke emzuzwaneni noma sithi, "Niyabo, nganitshela, ayikho into okuthiwa ukuphulukisa ngokukaNkulunkulu. Ngilahlekelwe ukuphulukiswa kwami." Niyizaba ezimpofu ngenzalo ka-Abrahama. Inzalo ka-Abrahama ikholwa njengoba nje kwenza u-Abrahama. Akunandaba ukuthi ini, isikhathi eside kangakanani, ukuthi noma yini ithini, kunjalo noma kanjani. UNkulunkulu washo njalo. U-Abrahama nenzalo yakhe emva kwakhe . . .

131 "Awu, ngizokutshela, Mfowethu Branham, angifanele ukuphulukiswa." Ngisanda kuqeda ukunitshela, akusikho okwenzile, kuyilokho Akwenzile. Ulokhu ucabanga ukuthi awufanelekile.

132 Lapha, ukuba-ke ihhashi lensikazi elidala emuva ngesikhathi seBhayibheli, laliyozala i—ithole elincane na? Noma laline . . . Ake sithi lalinomnyuzi. Nalomnyuzi wazalwa, futhi zombili izindlebe zayephuzelela phansi; umsila wayo uphakeme ume mpo; amehlo awo ayenezingxemu; amadolo awo ayeguqe ndawonye. Awu, ukuba ubungabuka engilazini futhi ucabange, ubuyovele uthi, "Maye kimi. Abasoze bangondla. Bazongishaya nje ekhanda lapho bephuma futhi bangibone."

133 Kodwa ukuba-ke unina wayefundiswe kahle emthethweni na? Ubeyothi, "Awume kancane, s'thandwa. Awume kancane. Ngiyazi uyisidalwa esibukeka kabi. Awulungile, kodwa uzophila. Ngoba kunomthetho kaNkulunkulu othi uzalwa ngaphansi kobuzibulo. Ungowami wokuqala." O Nkulunkulu!

134 Ufunelani ukuba yiPresbyterian na? Awubuyeli ngani emuva futhi ube yiPentecostal njengoba kwakunjalo ekuqaleni, ubuzibulo na? Ungaba yiPresbyterian yePentecostal. Ungaba yiMethodisti yePentecostal. Buyela ebandleni lokuqala, indlela elaqala ngayo.

135 Uthi, "Wazalwa ngaphansi kobuzibulo. Ngiyakutshela: Uma wazalwa ngaphansi kobuzibulo, uyazi ukuthi kuzokwenzekani, kuzokwenzekani na? Ekuseni lapho bephumela edlelweni ukukubona na? Niyazi ukuthi bazokwenzani na? Abazukukushaya ekhanda, ngoba uzophila, kodwa ba . . . uzofanele afinyelele ngale futhi athole iwundlu elingenasici kulo." Amen. "Futhi bayothatha lelowundlu

elingenasici ngisho kulo, nalelowundlu liyofanele life esikhundleni sakho. Umpristi akasoze akubona." Amen.

136 Niyakubona na? Ungazibuki wena; buka uMhlatshelo wakho. UNkulunkulu akakubheki; Ubuka uMhlatshelo wakho onguKristu. Ungazibuki. Angifanelekile; awufanelekile; akekho ofanelekile; kodwa NguYe. Angithembele kwengikwenzile, engiyikho, kungenjalo a—angisoze ngaphumelela. Kodwa ngibuka lokho Akwenzile. Yilapho engithemba khona: Akwenzile. UnguMhlatshelo wami. Angifanele ukuphulukiswa. Qhabo, mnumzane. Nkosi, bengifanele ngabe ngafa kudala, bengingafanele ngisho ngizalwe. Kodwa ngiyaphila; NginokuPhila okuPhakade; Ngiya eZulwini. Kungani na? Ngoba Ungenzele khona. WayenguYe. Wathatha indawo yami. Nganginopete, izinxemu kulo lonke uhlobo lwesimo, kodwa Wathatha indawo yami. Ngikhuluma ngokomoya, ngangisonteke konke, futhi ngixovekile; kodwa Wathatha indawo yami; ngakho Ungenza indodana kaNkulunkulu ephelele, indodakazi ephelele kaNkulunkulu. Umhlatshelo waKhe wakwenza, hhayi owami. Nganingahlanganise lutho nakho. Ngazalwa ngingekho esimweni noma kanjani. Kodwa a—angethembi kwengikwenzile. Ngethemba kulokho Akwenzile (Niyabo?), lokho Ayeyikho, kwakuyilokho-ke.

137 Manje, Wathini ku-Abrahama na? "Uyikhehla, uneminyaka eyikhulu ubudala, Abrahama. Uneminyaka engamashumi ayisishiyagalolunye nesishiyagalolunye. Kodwa ngingu El-Shaddai; NginguYe onamabele."

138 Manje, sise . . . Sedlule emgamanxweni wokuqala, ukulungisiswa: ukulungisiswa; ukungcweliswa: ukungcweliswa. Manje khumbulani, lokho kwakuyizinto uNkulunkulu azethembisa futhi wazenza ku-Abrahama, kodwa lapha Wathi, "NginguNkulunkulu onamabele. Manje, usumdala, Abrahama. Uneminyaka eyikhulu ubudala, kodwa kiMi awungaphezu kwengane. Ngakho ngikunika isithembiso, futhi nginguNkulunkulu onamabele. Ngingonamandla. Yencika esifubeni saMi manje futhi uncele kiMi amandla aMi angene emzimbeni wakho obuthakathaka," emlungiselela isimangaliso.

139 Yilokho Akwenza kumaPentecostal emva konyaka kaWesley. Wavumela amaPentecostal ancele amandla aKhe uQobo, uMoya oNgcwele waKhe uQobo njengombhaphathizo, abuyele emizimbeni yabo ebuthakathaka ukubanika ukukholwa koHlwitho, ukubanika ukukholwa kwezimangaliso. "Ngingu El-Shaddai."

140 Akwenza ku-Abrahama nasenzalweni yakhe emva kwakhe, bhekisisani: ekholwa, ukuqinisa, isivumelwano segazi, manje ezijovela Yena uqobo, amandla aKhe, kubantu baKhe.

Lichaza ukuthini igama elithi *ngcwelisa*, nina maMethodisti alungileyo na?

"Ukungcweliswa, uyakukholwa, Mfowethu Branham na?"

Impela ngiyakukholwa. YiZwi likaNkulunkulu.

"Uyamkholwa uJohn Wesley na?"

141 Ngokoqobo, wayeyingelosi yesivumelwano yonyaka wakhe, uNyaka waseFiladelfiya. ULuther wayengomunye waseSardesi emuva lapho. Kunjalo impela. Futhi sinoyedwa ozayo ozoba ngumprofethi. Uyoba ngu-Eliya. Impela.

"O," wena uthi, "wakhuluma ngoJohane lapho."

142 Qhabo, qhabo. Lowo nguMalaki 3, "Sami . . . Ngiyathuma isithunywa saMi phambi kwaMi." Kodwa khumbulani, u— u-Eliya wayezofika, izwe lalizoshiswa ukushisa okuvuthayo ngaphambi kokuFika kwaloloSuku olukhulu lweNkosi; futhi alizange livuthe ngaphambili, ngenkathi uJohane efika. Funda iBhayibheli, mfowethu. Niyabo? Bhekisisani ukuthi Uzokwenzani, i . . . Mbhekisiseni ukuthi kanjani, leyongxenye yokugcina kaMalaki 4:

143 "Futhi uyakuphendulela izinhliziyo zawoyise kubantwana," Ngabe kunjalo na? "ne," isihlanganiso, "izinhliziyo zabantwana kuyise." Niyakubona lokho kufika okukabili kuka-Eliya na?

144 Manje, ngiyazi lababafo bayasukuma namhlanje futhi bathi, "Ngingu-Eliya; ngingu-Eliya; futhi ngi . . . " O, lowo ngumbhedo. Bhekisisani. Qaphelani ukuthi kwenzekani. Izinhliziyo zani na? Abantwana, izinhliziyo zoyise kubantwana, Ukufika kokuqala kukaJohane, waphendulela izinhliziyo zobaba abadala bomthetho kulomlayezo osemusha, abantwana. Kodwa ekufikeni kwesibili uzothatha izinhliziyo zabantwana manje, bese ezibuyisela emuva ekukholweni kobaba bePentecostal ekuqaleni, ezama ukukubuyisela emuva.

145 Uyoba ngozonda abesifazane, umthandi wehlane. Angeke abe ngowanoma iyiphi inhlangano. Uthi, "Ungacabangi ukuthi phakathi kwakho, 'Sino-Abrahama ongubaba wethu.'" Kanjalo noJohane, kanjalo no-Eliya. "UNkulunkulu angamvusela u-Abrahama abantwana kulawamatshe."

146 Ungahambi futhi ufike bese uthi, "NgiyiMethodisti, iBaptisti, noma iPresbyterian, noma iPentecostal." Uyakubeka impande, umuthi . . . izembe empandeni yomuthi. Uyobonakala enkundleni ngolunye lwalezizinsuku. Mbhekisiseni nje; bayomzonda. Kodwa emva koMlayezo wakhe, khona-ke ukwahlulelwa kuyoshaya umhlaba. Uzobalekela ndawondawo ukuze izahlulelo zishaye.

147 Lapho owesifazane omncane phakathi lapho, niyakhumbula. Futhi wayenomyeni, inhloko yendoda. Lafa ngenkathi uMfelandawonye wamaBandla ulingenisa. Ngenkathi u-Eliya ephuma, wathunyelwa kuye, futhi wajabula ukwemukela uMlayezo womprofethi ngaleyonkathi. Ngakho wamsekela ngosizo lukaNkulunkulu.

148 Manje, bhekisisani u-Abrahama, edonsa, ezondla ngawo onke amandla kaNkulunkulu (Ini?), eletha amandla ukuba alungele ukuba nalomntwana eneminyaka eyikhulu ubudala.

149 Akusuye kuphela ONamabele, kodwa UnguMenelisi. Ingane encane lapho igula, futhi igula ngempela, umama uyiyisa ebeleni lakhe, futhi iqala ukuncela amandla akhe angene enganeni egulayo; futhi ngenkathi isalulama, iyeneliseka. Injalo nendoda yangempela ebambe uNkulunkulu futhi incela uMoya oNgcwele yazi ukuthi yenelisekile ukuthi uNkulunkulu uzokwenza lonke izwi lifezeke. Iyinzalo ka-Abrahama. Leyo yinzalo yangempela ka-Abrahama. Angikhathali ukuthi omunye umuntu uthini; uthi, "Uma uNkulunkulu asho njalo, lokho kuyakuxazulula; Ngithi, 'Amen' kukho." Futhi wenelisekile ukuthi kuzokwenzeka. Awumshayi ngezibhakela ngapha nangapha.

Udokotela angahle ame futhi athi, "Ake ngithathe ukushaya kwemithambo yakho. Uyafa."

"Angifi." A-hha.

"O, uphatheke kabi nje. Awu, kungcono uqhubeke ubuyele emsebenzini wakho—wakho ngoba awuka . . . Ayikho into enjengalowoMoya oNgcwele."

150 "Awazi ukuthi ukhuluma ngani. Ngike ngabamba u-El-Shaddai. Amen. Amen, ngiyazi lapho ngimi khona." Wonke udeveli ubengama futhi aphose umlilo ebusweni bakhe. Ubesayolokhu engakungabazi. Ubeyongena ngqo esithandweni somlilo njengabantwana bamaHeberu. Ngani na? Uyinzalo ka-Abrahama. Akunandaba ukuthi kuthatha isikhathi eside kangakanani, futhi kade ekhulekelwe, egcotshwe ngamafutha, kumbe noma ngayiphi indlela adlula kuyo, wemukela; ngandlela thize ukukholwa kumnika ukuthi uyakholwa ukuthi uzophulukiswa. Uzophiliswa. Yilokho kuphela okukhona kukho. Ukholwa ukuthi uzongena oHlwithweni; akukho okungakumisa. Uyakholwa ukuthi uMoya oNgcwele ukuye, ngoba ubona izibonakaliso zangempela zikaMoya oNgcwele.

151 Ungahle nje uyeke ukukhuluma naye. Mfundise nje . . . Ungamfundisa yonke isayense yezenkolo ezweni; ubengeke akwenze, ngoba . . . Ubengekukholwe, ngoba uyazi ukuthi iBhayibheli lithini. Uyazi ukuthi ubambe iNto ethize yangempela. Yilapho uNkulunkulu anikeza khona . . .

152 Manje, niyabona ukuthi Wenzani ku-Abrahama na? Ukulungisiswa: Ukulungisiswa eBandleni lakhe, inzalo yaKhe. Ukungcweliswa ngoWesley lesosithunywa esikhulu: Ukungcweliswa, futhi. IPhentekoste kuze kuyofika *lapho*: iPhentekoste kuze kuyofika *lapha*. Niyabo? ukuncelisa iPhentekoste, kuletha . . .

153 Bangaki okuqondayo lokho ngenkathi Wayengu-El-Shaddai, ukuthi Wanikela ngamandla aKhe uQobo ku-

Abrahama. Akazange enze lutho kodwa wamenzela izithembiso, izithembiso, kodwa lapha Uzithululela Yena uqobo ku-Abrahama, ngokwangempela. Bangaki okwaziyo lokho na? Awu, lowo kwakunguMoya oNgcwele. Ukulungisiswa yilokho okukholwayo. Ukungcweliswa yilokho iGazi elakwenzela khona. Ungcwelisiwe ngokukholwa. Kodwa lapho ugcwaliswe ngoMoya oNgcwele, nguMuntu kaMoya oNgcwele qobo lwaKhe, o, uMuntu, hhayi ukucabangela, hhayi uhlobo oluthile lwesayense ephathelene nengqondo, kodwa uMuntu kaMoya oNgcwele.

154 Nakuwe, mfowethu weSayense yobuKristu, nawe ongakholwa ukuthi uMoya oNgcwele unguMuntu, *yena* isabizwana somuntu.

IBhayibheli lathi, "Nxa Yena, uMoya oNgcwele, esefikile, Uyofakaza ngaMi." UnguMuntu hhayi umcabango.

155 Wancela, hhayi ezindabeni nasezithembisweni, kodwa wayene, manje, ukuPhila kukaNkulunkulu kwangempela kugeleza kungena kuye. Yilokho okwenziwa ngunyaka wePentecostal. Manje, waba yini ngaleyonkathi na? Indodana. Amen.

Manje, eTestamenteni eLidala siyazi. . . Manje, sineminye nje imizuzu cishe eyishumi nanhlanu.

Siyazi eTestamenteni eLidala, kwenzekani na? ETestamenteni eLidala kwakukhona into ethiwa yindodana izalwa ekhaya.

156 Manje, qinisekani ukuthi niyakuthola lokhu. Niyezwa na? Thanini, "Amen." [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.] Ngiyazi nicabanga ukuthi ngiyahlanya kulentambama noma mhlawumbe ngaso sonke isikhathi, kodwa ngifuna nikuthole.

157 Manje, bhekisisani ukuthi Wenzani. Lapho umuntu ezalwa, noma umntwana ezalwa emndenini, wayezalwa eyindodana. Ngabe kunjalo na? Kodwa wayengenalo ifa nokho. Wayefanele afundiswe. Ngabe kunjalo na? Manje, lapho wemukela uMoya oNgcwele. . . Yilapho iPentecost yenza khona iphutha elikhulu. Yathi, "Udumo kuNkulunkulu, sinakho. Yilokho kuphela okukhona kukho." Qhabo, qhabo. Qhabo, qhabo, qhabo, qhabo, qhabo, qhabo, qhabo, qhabo, qhabo.

158 EBhayibhelini ngenkathi ingane izalwa e—epulazini lomuntu, wayehambahamba futhi aqashe ofundisayo ongcono kunabo bonke ayengamthola. Ngizonitshela ukuvezwa obala kwakho okuhle, yisahluko 17 sikaMathewu oNgcwele, iNtaba yokuGuqulwa isimo, ufuna ukukubhala phansi lokho futhi ukufunde. Ukuthi uNkulunkulu wayenza kanjani iNdodana yaKhe uQobo ncamashi njenge. . . UNkulunkulu aka. . . Uzofanele agcine imithetho yaKhe uQobo. Angeke angcolisa imithetho yaKhe uQobo noma ephule imithetho yaKhe uQobo. Angebe nguNkulunkulu futhi abe ngolungile futhi akwenze.

Futhi Ufanele abagcine benobulungiswa, nobungcwele, nokulunga. Qaphelani ukuthi Wenzani manje.

159 Ingane ngenkathi izalwa, ubaba wayematasatasa ngezinto, ngakho waqasha ofundisayo ongcono kunabo bonke ayengamqasha ukuba akhulise umntwana. Kwase kuthi-ke ofundisayo waletha izwi kuyise ukuthi umntwana wayeqhubeka kanjani. Ngabe kunjalo, bazalwane na? Siyazi kwabaseGalathiya, lapho, nezindawo ezehlukene, lapho umBhalo ukhuluma ngakho. Futhi kwakubizwa ngokuthi "ukubekwa kwendodana." Manje lalelani nje eminye imizuzu embalwa.

160 Manje, uma-ke ofundisayo ekhuphuka . . . Manje, khumbulani ubaba wathola i . . . Uma wayemthanda lowomfana, wayeyomnika ofundisayo ongcono kunabo bonke ayengamthola. Uyakukholwa lokho na? Leyo kwakuyindodana yakhe. Manje, wayengafuni ukuthenga . . . thole ofundisayo lapho owayezofuna ukufaka utshani obomile esigqokweni sakhe futhi amtshele amanga ngomntwana. Wayefuna ukwazi ncamashi ukuthi kwakwenzekani kulowomntwana, ngakho waqasha ofundisayo omuhle ngempela. Nofundisayo wayekhuphuka. Manje uma uba- . . .

161 Uma umfana wayeqhubekela phambili futhi enza kahle, kufanele ukuthi ofundisayo wazizwa kanjani, akhuphuke futhi athi, "Awusho, kulungile." Kodwa ukuba-ke lowo ofundisayo ube nje . . . ukuba-ke lowomfana ubeyimbuka nje, enganaki, engenzi lutho ngobaba, ufanele ukuthi ofundisayo wazizwa kanjani lapho ekhuphuka futhi ethi, "A, yebo, mnumzane, e, ha, akenzi kahle kakhulu. Qhabo, mnumzane, u . . . Ngi—ngi—ngiyaxolisa, kodwa akenzi kahle kakhulu."

162 Manje, wena lungu lebandla elisivivi, ngizokuthululela kuwe kahle. Ucabangani ngenkathi uNkulunkulu ebeka umntwana waKhe lapha, ibandla, nhloboni yoFundisayo uNkulunkulu amtholela yona na? Umbhishobhi na? Hhe? Uphapha na? Ubani Amthuma ukukhulisa umntwana waKhe na? UMoya oNgcwele. Umbhishobhi uyoncenga futhi afune utshani esigqokweni sakhe ukuba abe ngumbhishobhi omkhulu na—nalo lonke uhlobo lwababoni bakahulumeni, nazo zonke lezi ezinye izinhlobo zezinto, kodwa uMoya oNgcwele uzoletha umlayezo weqiniso phambi kukaBaba. Yebo, mnumzane.

163 Ngakho ucabanga ukuthi uMoya oNgcwele ufanele uzizwe kanjani lapho Unyuka phambi kukaBaba futhi uthi, "Abesifazane bakho bePentecostal bagunda izinwele zabo, Baba. Bazipenda ubuso njengoba bonke benjalo. Abasayi emhlanganweni womkhuleko. Amadodana akho angeke ashumayele amelane nakho."

"Yini indaba na? Yini indaba na?"

164 "O, baye ezinhlelweni ezinkulu zokwakha. Futhi abaqondi ukuthi ngasho, ukuthi, 'Ngizonilungisela iNdawo.' Ya, baboshwa emhlabeni. Ya, bafuna ukuba nenhlangano enkulu kunazo zonke, bafuna ukuba ne . . . Ya. Qhabo, ba—ba—ba, ngeke batshele abesifazane lokho; ngeke babatshele abesilisa lokho; bayesaba, ngoba bakhokha kahle epuletini." Ufanele ukhophozele kanjani, uMoya oNgcwele, asuke kuNkulunkulu.

165 Siyazidabukela! Ufanele akwenze kanjani. Angake aze ayinike kanjani leyondodana noma yini na? Niyazi ukuthi kwenzekani kuleyondodana na? Ihlala njalo iyindodana. Impela, yebo, mnumzane, kodwa ayinafa.

166 UPawulu wathi, "Funa ngishumayele iVangeli futhi ngilahlwe mina uqobo, niyabo." Ya. Akangeni neze efeni, niyabo, lowomfana uhlala eyindodana, kodwa uyindodana eyimbuka nje.

167 Kodwa uma-ke oFundisayo ekhuphuka wayesethi, "Heyi, Uyazi ukuthini? Lowomfana waKho u, awu, ngani, u . . . " Ngiyaxolisa ngesisho; ngethemba ukuthi akusikho ukuthuka okungcwele kini. "Uwukhamba oludala olufuze imbiza. Niyazi ukuthini? Ufana naWe impela nje. Wenza nje impela into efanayo Owayenza. U . . . Ngizokutshela, lapho ebona noma yini engalungile uma khona lapho futhi akubize. Ungabeka ithemba kuye."

168 Kanjani, uBaba ufanele athi, "Ya, a-hha, leyo yindodana yaMi. Leyo yindodana yaMi." Ngisesenzalweni ka-Abrahama manje. Angikushiyanga lokho; ngihlala nalokho. "Leyo yindodana yaMi." Niyazi ukuthi uBaba wenzani emva kokuba lowomfana esefakazisiwe ukuba umfana na?

169 "Awu," uthi, "iBhayibheli lasho, *lokhu*, kodwa—kodwa kusobala, manje i—igosa lombuso lizongikhipha uma ngishumayela *lokho*. Ba—ba—ba . . . Uma ngibatshela ukuthi bemukele uMoya oNgcwele okwamanje. 'O, o, o, o ngeke ngizihlanganise ngalutho nalokho.' Kuyokwenza . . . Abakholelwa kulokho."

"Awu, ngiyakholelwa ekungcwe- . . . "

170 "O, qhabo, qhabo, qhabo, qhabo, qhabo, qhabo. Ukuphulukisa ngokukaNkulunkulu, si—si . . . Ngizonitshela ukuthi sizokwenzani. Sizokhipha nje isigejane, futhi sizokhipha konke lokhu lapha izinto zokuphulukisa, naso sonke lesiyaluyalu." Hhe. Kodwa iBhayibheli lisakufundisa, bazalwane. Lelo kuseyiZwi likaNkulunkulu. Uma uyinzalo ka-Abrahama, uyoma ngakulo lonke iZwi lakho. Akukho okuzokuvimba. Kunjalo. Noma ngabe ngumbhishobhi weMethodisti, noma umbonisi weBaptisti, noma ubaba oyiPresbyterian, noma umpristi oyiKatolika, noma uphapha, kumbe noma kungaba yini. Akukho okuzokuvimba uma uyinzalo yangempela ka-Abrahama. Kunjalo. Hlala lapho. Yebo,

mnumzane. Awudonsi ithuluzi lakho enqubweni ethize eyenziwe ngumuntu; ulidweba phezulu, ku-El-Shaddai. Haleluya! Kunjalo. Lishumayele noma kanjani, futhi kungakhathaleki ukuthi lilimaza bani. Lishumayeleni noma kanjani.

UBaba wathi, "Yileyondlela nje eNgaloba ngayo iZwi laMi; yileyondlela engifuna Lishunyayelwe ngayo." Kunjalo.

171 Niyazi ukuthi kwenzekani na? Manje-ke, niyazi ukuthi kwenzekani na? Banomkhosi waleyondodana. Bakhipha leyondodana bese beyigqokisa ingubo ekhethekile (Niyazi ukuthi kunjalo.), bayibeke endaweni yomphakathi, futhi benze umkhosi wokwenziwa umntwana, futhi babeke leyondodana. Kusukela ngalesosikhathi, lelogama lendodana lihle nje eshekeni njengoba elikayise linjalo. Ngabe kunjalo na?

172 Manje, uNkulunkulu wenza okufanayo ngeNdodana yaKhe. Wathatha uPetru, uJakobe, noJohane, wayesenyukela esiqongweni sentaba. Futhi ngenkathi Enze into enkulu, Wabiza abathathu abavela eZulwini: uMose, u-Eliya, noKristu. Futhi Unikeza ofakazi abathathu. Futhi ngenkathi bethi, "Masakhe amadokodo amathathu lapha; sizoba nehlelo elibizwa nga 'baprofethi'. Sizoba nelilodwa elibizelwe umthetho, ama-Adventisti. Futhi sizo . . . " Ngaphambi kokuba uPetru aqede ukukhuluma . . . Lapho okungaphezu kwemvelo sekuphelile, uxhuxhuma konke; ufuna ukwenza ihlelo.

173 Yilapho nina bazalwane beMvula yaMuva nenza khona iphutha lenu. Yilapho nina ma-Assemblies of God nenza khona iphutha lenu. Yilapho nina be-Oneness nenza khona iphutha lenu. Yilapho nina Church of God, amaProphesies, nani nonke, nenza khona iphutha lenu. Nabona okungaphezu kwemvelo kwenziwa; nanifuna ukudweba indingilizi encane ngakukho bese nithi, "Lona yithi." Anikushiyi ngani phansi? Uma kungesikho okukaNkulunkulu, kuzoba ize. Futhi uma kunguNkulunkulu, ungakusiphula kanjani; kuyoma phakade.

Qhubeka, gcina iso lakho eKalvari, qhubeka udonsa ku-El-Shaddai. Kunjalo, hlala nakho.

174 Yenza izimpikiswano futhi uzehlukanise: yilokho udeveli akusho, "Awu, ngingayeka ukulwa manje; baqeqesha izibhamu zabo komunye nomunye. Inqobo nje uma belwa kanjalo, ngikahle." Niyabo? Vele nje ucambalale futhi uthathe isihlwathi.

175 Kodwa mabakhiphe leyonto enhliziyweni yabo futhi babuyele lapha lapho abangabakhona, bhekisisani ukuthi kwenzekani-ke. Makuthi leyompi enkulu ime ngezigidi. Yebo, mnumzane. Bhekisisani ukuthi kuyokwenzekani khona-ke. Makuthi amaMethodisti aqathaze amabhanela awo. Makuthi amaPentecostal aqathaze amabhanela awo. Mababambe bobabili uMoya oNgcwele bese bethi, "Simi lapha." Amen. Nizobona imvuselelo ezonyakazisa lesisizwe, kunjalo. Nizobona imvuselelo sengathi anikaze . . .

Nicabanga ukuthi bazokwenza na? Qhabo, mnumzane. Bangeke bakwenze. IBhayibheli lithi bangeke.

176 UBilly Graham ezweni lonke; washo ngale eLouisville, ngenkathi ngangisekudleni kwakhe kwasekuseni, wathi, "UPawulu wangena emzini, waba nophendukile oyedwa, wabuya ngo—ngomunye unyaka futhi wayenamashumi amathathu noma amashumi amane kulowo oyedwa." Wathi, "Ngiyahamba futhi ngibe nezinkulungwane ezingamashumi amathathu, ngibuye futhi angitholi amashumi amathathu." Into kuphela okuyiyo, ubenzise ukuvuma kwamehlo omile, Billy; futhi awubathathi baye kude ngokwenele eMbusweni kaNkulunkulu. Yileyo indaba. Kunjalo impela. Kodwa udlala indima yakhe. Umzuzu nje; sizofika kulokho, uma nje nizongibekezelela umzuzu.

Qaphelani. Wabeka iNdodana yaKhe; into efanayo Ayenze ngo-Abrahama. Wabizela ngaphandle u-Abrahama.

177 Manje, lalelani. Manje, ngifuna nembathe ukuqonda kwenu kokomoya futhi nithule umzuzwana nje. Wabizela u-Abrahama phandle ngaleyonkathi ekupheleni kwalesisahluko 17, futhi, isahluko 18, njalo, Wambiza waphuma futhi wenza ukubekwa kuye.

178 Wathi, "Abrama, angi. . .Igama lakho awuseyena u-Abrama, kodwa igama lakho ungu-Abrahama. Awusiye u S-a-r-a-y-i, ungu *S-a-r-a* kusukela manje kuqhubeke, 'inkosazana.'" Wenzani na? Ebeka indodana yaKhe. Ubani iGama likaNkulunkulu na? Elohim. Ngabe kunjalo na? U-Elohim, yilowo Anguye, iNkosi uNkulunkulu u-Elohim, uMlondolozi weZulu, amazulu nomhlaba na?

179 Futhi Wenzani ku-Abrahama na? Unika u-Abrahama ingxenye yeGama laKhe: kusukela ku-Abrama kuya ku-Abrahama, u-Elohim, ngoba naye wayenguyise (Amen.): wambeka, ngokwendawo eyiyonayona, umnika igama: u-Abrahama, kusukela ku-Abrama kuya ku-Abrahama: Elohim, Elohim, h-e-i-m: h-a-m, Abrahama.

180 Ngifuna niqaphele. Lokho kwakungaphambi nje kwembubhiso manje nangaphambi kokuba isithembiso sigcwaliseke. Bhekisisani umzuzwana nje manje. Emva kokuba Emenze lokho, wabeka igama lakhe manje, wambeka ngokwendawo eyiyona yona, wambiza ngokulungisiswa (Uyakukholwa lokho na?), inzalo yakhe ngokulungisiswa, ukungcweliswa ngeGazi, ngembewu, egcwalisa ngaYe uqobo, eZithululela kuye njengo El-Shaddai, uMoya oNgcwele, uMoya oNgcwele. Manje, ukumbeka nokumnika ingxenye yeGama laKhe, u-Elohim, u-Elohim omncane, nomuntu wazalelwa ukuba abe ngunkulunkulu.

181 Manje, uthi lokho kuyiphutha. UJesu wathi, "Aku. . .akusho yini emithethweni yenu uqobo ukuthi, 'Ningonkulunkulu' na?

Futhi kungani niNgilahla ngecala-ke, uma umthetho wenu uqobo uthi ningonkulunkulu." Wanikwa ukubusa; umbuso wawungumhlaba. Umhlaba wonke uyabubula, ulindele manje ukubonakaliswa kwamadodana kaNkulunkulu.

182 Uma nginguBranham, nginguBranham; ngiyingxenye kaBranham. Futhi uma indoda iyindodana kaNkulunkulu, Yenziwe ngomfanekiso kaNkulunkulu futhi yanikezwa ukubusa lapha emhlabeni ukuba ibuse lomhlaba njengoba uNkulunkulu awubusa. No-Adamu wesibili wakufakazisa. Amen. Wamisa imvelo: "Thula du." Amen. Waqalekisa umkhiwane, impela, futhi WayenguMuntu nokho WayenguNkulunkulu; WayeyiNdodana kaNkulunkulu ebonakalisiweyo. Yilokho esizoba yikho ngolunye lwalezizinsuku. Siza kukho nje ngokulungisiswa, izinzalo zika-Abrahama zikhuphuka.

183 Manje, qaphelani ukuthi Wenzani ku-Abrahama: umnika lelogama. Manje masinyane, cishe ezinsukwini ezintathu noma ezine kamuva, u-Abrahama wayezehlukanisile noLoti. Manje, lalelisisani ngempela manje. Ingabe nilungele na? Thanini, "Amen." [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.] Manje nina, nikulandele eduze na? Thanini, "Amen." ["Amen."] Niyabona lapho Enze khona konke Akwenza ku-Abrahama, Ukwenzile enzalweni yakhe na? Thanini, "Amen." ["Amen."] Kunjalo.

184 Manje, siyehla manje siye entweni elandelayo. Manje, bhekisisani izigaba zethu ezintathu. Manje, kwakukhona . . . Lichaza ukuthini igama elithi *ibandla* na? "Ababizelwe ngaphandle, ababizelwe ngaphandle." U-Israyeli wayengabantu bakaNkulunkulu baze babizwa baphuma eGibhithe ngaleyonkathi babebizwa ngebandla likaNkulunkulu. Niyabo? "Ababizelwe ngaphandle," lona impela igama, hamba uthole isichazamazwi sakho bese uthola ukuthi akusikho yini ukuthi "ababizelwe ngaphandle."

185 Manje, wayeyini u-Abrahama na? Obizelwe ngaphandle futhi wehlukaniswa. WayeyiBandla elikhethiwe. ULoti umele ibandla namhlanje. Ngiyacela ningakugeji lokhu, ngiyacela, eGameni likaKristu ningakugeji. Lalelisisani. Lokho a . . . U-Abrahama wayephandle lapha ezweni elikhandlekile, elikhathele, elimpofu, kungekho manzi ezinkomo, kodwa uLoti wenzani na? WayengumKristu futhi; wayeyikholwa. Ngakho wehlela eSodoma futhi—futhi uba yimeya yedolobha. Kunjalo na? Lokho ngamahlelo enu, osivivi wenu, obizwa ngomKristu. Phansi lapho izono zadabukisa . . . O, ukubona izidakwa kudabukisa inhliziyo yabo. Impela. Kwadabukisa inhliziyo yabo.

186 Manje, kwakukhona abaseSodoma, ongakholwayo. Kwakukhona uLoti khona lapho kanye nabo esimweni sakhe esisivivi, kodwa nangu u-Abrahama. O, he. Ngakho isikhathi siyasondela ekupheleni manje. Futhi bhekisisani.

187 Ngoluny'usuku ngenkathi u-Abrahama esahlezi ngaphansi kom-oki wakhe, wabona amaDoda amathathu eza enyuka, uthuli ezingutsheni zaWo. No-Abrahama waphuma, wayesethi, "Nkosi yami, Uzongena na? Ngenxa yalokhu Woza." Into ethize yayisenhliziyweni ka-Abrahama, yamenza wakholwa ukuthi kukhona okuthize lapho ngalowoMuntu.

Awu, Bayangena. Manje, hhayi "amakhosi ami," amathathu aWo; wathi, "Nkosi yami."

188 ULoti, umhlubuki omdala, wathi, "Makhosi ami." Kodwa u-Abrahama wabona abathathu baWo wayesethi, "Nkosi yami," Elohim. Bona ukuthi iBhayibheli alikusho yini lokho. Wayazi ukuthi wayekuphi. Wayeyinzalo ka-Abrahama yeqiniso. "Nkosi yami, ngena. Hlala phansi; NgizoKukhela amanzi amancane; Ungageza izinyawo zaKho. Futhi ngi—ngizoKunika ucezu lwesinkwa, futhi khona-ke Ungaba semgwaqeni waKho."

189 Wahlala phansi, futhi, ngiqagele, wathola impukane endala. Bangaki abake bazi ukuthi impukane yayiyini na? Ndoda, o, ndoda, kukangaki ngikusebenzisa. Futhi ngakho wagijimela emhlambini, wayesethatha elincane, ithole elikhuluphele, wayeselibulala wayesefika, wathi, "Sara," emuva le laphaya ethendeni, "Ngifuna uxove isinkwa." Lokho ngukusefa. Wake wasibona isisefo na? Sasivame ukuba nesisefo esidala esiyindilinga; umama wayenesitshana esicijile kukho lapho impuphu yayiba manzi futhi inamathele khona. Wayeyihlikihla, ngoba wawuyenze konke nokunci kuvale, niyazi. Futhi uhlikihla lokhu; wathi, "Gxova futhi ubeke eziko." Babengenalo ipani lesinkwa; babethatha nje iziko lapho, idwala elikhulu libekwe phandle phambi kweziko, futhi wapheka lesisinkwa ngokukhulu ukushesha.

190 Wathi, "Nginomuzwa omncane wokuthi kukhona uMuntu oxakile phandle lapho." Wabuka phandle lapho, Ayenothuli, amaDoda ajwayelekile ehlezi phandle lapho ngaphansi kwesihlahla somthunzi, ephumule. Futhi bapheka base belungisa inkonyane, bathola a—amaqatha ewundlu onke elungisiwe, futhi balungisa amaqebelengwane ommbila, futhi bathola ibhotela, futhi—futhi-ke bathola ubisi oluvela enkomazini; futhi waphumela lapho wayesehlala phansi, futhi Bayakudla. Futhi u-Abrahama wabiza lowoMuntu, "Elohim": UNkulunkulu, edla inyama yethole, ephuza ubisi oluvela enkomazini, futhi edla isinkwa sommbila nebhotela.

191 Manje, uma nifuna ukuphikisana ngakho, wena nje . . . U-Abrahama wakhuluma naYo. WaYibiza ngo "Elohim," iNkosi uNkulunkulu uSomandla. Kwakuyini na? Ekhombisa ukuthi imbewu izotholani. Bhekisisani manje. UNkulunkulu . . .

192 Omunye umfundisi washo kimi ngesinye isikhathi ngenkathi ngikhuluma ngalokho lapha ezinsukwini ezimbalwa ezedlule;

wathi, "Mfundisi Branham, ungumuntu ohlakaniphe kakhulu ukuba uthi lowo kwakunguNkulunkulu."

Ngathi, "Manje-ke ngi, ya, ngihlakaniphe ngokwenele ukwazi ukuthi iBhayibheli lathi kwakuyikho."

Futhi wathi, "Uqonde ukuthi uNkulunkulu wayelapho ne—nezingubo futhi zinothuli, uJehova uSomandla na?"

Ngathi, "U-Abrahama waMbiza ngo 'Elohim.'"

Wathi, "Ucabanga ukuthi wayengubani abanye ababili na?"

Ngathi, "IziNgelosi ezimbili."

Wathi, "Awu, kanjani wena . . . "

Ngathi, "Kwathi nje Engakudla lokho Wanyamalala." Ngathi, "Ngani, awazi ukuthi Ungubani uNkulunkulu wethu."

Ngangi, sengathi, ngangikama izinwele zami ezimbili noma ezintathu engangisele nazo, niyazi, ngolunye usuku, nomkami wathi kimi, wathi, "Billy, usucishe ubenempandla."

Ngathi, "Angikalahlekelwa nawolulodwa."

Wathi, "Ngicela ungitshele ukuthi zikuphi."

193 Ngathi, "Kulungile s'thandwa, ngizokwenza. Ngitshele ukuthi zazikuphi ngaphambi kokuba ngizithole. Zaziyinto. Futhi noma ngabe zazikuphi ngaphambi kokuba ngizithole, zilapho zingilindele ukuba ngize kuzo." Haleluya!

194 Lomzimba ungahle ungabi isipunu esigcwele uthuli; kwakuyilokho kwasekuqaleni nje, ngenkathi intabamlilo iqhuma emuva lapho ngenkathi umzimba wami ulele lapho. 4 UNkulunkulu ofanayo owangiletha futhi wangondla angangivusa futhi, ndawondawo. Kunjalo.

Ngathi, "Senziwe ngezinto eziyishumi nesithupha zomhlaba: i-petroliyamu, ukukhanya komhlaba nezulu, nekhalsiyamu, ipotashi."

195 UNkulunkulu wathi nje, "Ngizwile ngezono ezansi eSodoma. Ngizokwehla futhi ngifanele ngihambe ngizungeze ezansi lapho futhi ngiqalaze," wayesethi, "*Phfff*," wangena kukho, wathi . . . Wathola enye ikhalsiyamu engagcwala isandla, wathi, "*Phfff*, woza lapha, Gabriyeli. *Phfff*, woza lapha, Mikhayeli. Asehle." Nampa Beza, bahamba behla. "Ngizobakhombisa ukuthi kuzokwenzekani ngezinsuku zokugcina eNzalweni ka-Abrahama noma kanjani." Manje lalelani, ningakugeji lokhu.

196 Ngakho manje-ke Uyehla asondele, uhlala phansi, futhi Aqala ukukhuluma, futhi emva kokudla, niyazi, amabili Awo ehlela eSodoma ukuyoshumayela ebandleni elisivivi. Benikwazi lokho na? Ayenemvuselelo ezansi lapho. Futhi akumangalisi yini ukuthi ngalolusuku lokugcina . . . Manje, Oyedwa waWo yahlala emuva futhi yakhuluma neBandla elikhethiwe, U-Abrahama neqembu lakhe elikhethiwe. Bangaki

okuqondayo lokho manje, thanini, "Amen." [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.] Nenye yehla futhi yakhuluma noLoti ukuba imkhiphe eSodoma, ngoba wayeyindoda elungileyo. Wonke lowo okuqondayo lokho, thanini, "Amen." ["Amen."] IBhayibheli lisifundisa ukuthi u-Abrahama wayemele iBandla elikhethiwe njengenzalo ka-Abrahama (Niyabo?), u-Abrahama okholwayo, ezehlukanisa...ekholwa uNkulunkulu, azehlukanise nezwe, kufika ngokulungisiswa, ukungcweliswa, umbhaphathizo kaMoya oNgcwele, bese-ke kuba ukubekwa kweziphiwo, amadodana emzimbeni. Manje, ulindile. Niyabona ukuthi sifika kude kangakanani na?

197 Manje, nansi iNgelosi yehla isenyameni yomuntu: uNkulunkulu, u-Elohim. Ngabe lithi Elohim, igama elikhulu N-k-o-s-i lapho na? Funda uGenesisi 18, ubone ukuthi akunjalo yini. U-Elohim wehla esenyameni yomuntu, udla njengomuntu, uphuza ubisi njengomuntu, udla inyama yethole njengomuntu, udla ibhotela nesinkwa sommbila njengomuntu. Manje, uma ufuna ukuphikisana, khona-ke phikisana naYe.

Qaphelani ukuthi kwenzekani. Futhi kwakukhona Oyedwa owahlala emuva ku-Abrahama, nomunye wehla ukuyoshumayela ebandleni elisivivi, uBilly Graham wesimodeni.

198 Niqaphelile ukuthi kuxakile kanjani kulezizinsuku zokugcina, kanjani u A-b-e-r-h-a-m, lowo isivumelwano esenziwa naye, nomuntu esivumelwaneni sakhe eshumayela ebandleni elisivivi: U G-r-a-h-a-m? Senake nacabanga ukuthi lokho kwakuyisimanga kanjani na? Hhayi uBilly Sunday, kodwa (Niyabo?) U G-r-a-h-a-m, isithunywa ebandleni elisivivi ukubabiza baphume eSodoma. Futhi Leyo eyasala no-Abrahama.

199 Bhekisisani ukuthi le—leyo eyase yehlile futhi yashumayela. Yenzani na? Yamemeza kakhulu, "Phuma kulo." Yenzani na? Akusizo izimangaliso eziningi, akwenziwanga kakhulu kangako. Kuphela yaphuphuthekisa amehlo abo. Nokushumayela iVangeli kuphuphuthekisa amehlo ongakholwayo. Kwakuyini na? Yaphuphuthekisa amehlo abo ukuze bangawutholi umnyango. Yileyo indaba manje. Abawazi uMnyango, uMnyango nguJesu, uMoya oNgcwele ophilayo eBandleni. Amen. Yashumayela kahle, kodwa yababaphuphuthekisa kulowomnyango.

"Izinsuku zezimangaliso selwedlule, kodwa UsenguNkulunkulu." Kanjalonjalo.

"Phumani lapha, ngoba ngizolishisa." Kunjalo.

Bhekisisani Leyo eyasala no-Abrahama; Inikeza—Inikeza isibonakaliso emuva lapho, futhi. O Nkulunkulu!

200 Abesifazane ngalezozinsuku babengafani njengoba benjalo namhlanje; njalo lapho kukhuphuka umuntu, enye indoda,

bafanele bagqoke izikhindi zabo futhi bagijime baphume, basike utshani, futhi, niyazi, benakekela ibhizinisi lomyeni, nakho konke. Bahlala emuva ethendeni lapho babengabakhona. Uma bebengakhipha bonke abesifazane kulamahhovisi ngapha, nabayeni nabo bonke, ukuba bahambe . . . besebenza, futhi bababeke lapho bengabakhona, futhi bathathe lamaphoyisa abesifazane bawasuse emgwaqeni, ihlazo kulokhu . . . ibala eflegini, bese bewabuyisela emuva, amadoda abeyoba nomsebenzi.

201 INgelosi yahlala phansi yase iqala ukukhuluma no-Abrahama, yathi, "Ngiqagele uyazi ukuthi kungani ngehla." Manje, bhekisisani. Ayizange ithi, "Abrama." Yathi, "Abrahama." Ngani, ezinsukwini ezimbalwa nje ngaphambi kwalokho wayengu-Abrama. "Abrahama, uphi umkakho uSara na?" U-S-a-r-a. Bona ukuthi lokho kuqinisile yini. Cishe ezinsukwini ezimbili nje ngaphambi kwalokho wayesanda kunikwa lelogama nje. Yayazi kanjani ukuthi igama lakhe lalingu-Abrahama, Yayazi kanjani ukuthi igama lomkakhe lalinguSara. Niyabo, wayengaphumanga egijima futhi wangena ebhizinisini lomyeni wakhe. Ngakho, niyabo?

U-Abrahama (Manje lalelani, iBhayibheli, ngicaphuna iBhayibheli.) wathi, "Usethendeni emva kwaKho." Ngabe kunjalo na? Manje, bhekisisani.

202 "Abrahama, Ngizokuvakashela ngokwesithembiso saMi." Kwakungubani na? Kwakungubani na? Akumangalisi u-Abrahama waMbiza ngo-Elohim. "Ngizokwenza isithembiso saMi sigcwaliseke."

203 Futhi uSara . . . Ngiyaxolisa, manenekazi amancane, uSara emuva ethendeni, owesifazane othandekayo, kodwa wathi, "Mina, isalukazi, esicishe sibe nekhulu leminyaka ubudala, nenkosi yami . . ." (umyeni wakhe) ". . . ikhulu futhi, nami ngibe nokujabula nayo futhi na?" Niyaqonda ukuthi ngiqonde ukuthini, aniqondi na? Njengendoda nomfazi kwasekunqamukile. Niyabo? Wathi, "Ngibe nenjabulo njengentombi futhi nomyeni wami—wami phandle lapho na?" Lapho lokho kungenzeka ukuthi kwase kuyiminyaka engamashumi amabili kwedlula ngaphambili, ubudlelwano bomndeni obunjalo. Niyabo? "Mina, isalukazi ngibe nenjabulo nomyeni wami, naye eseyikhehla futhi na?" Wathi, "Ha-ha."

204 NaleNgelosi, u-Elohim enyameni, yabuka u-Abrahama yase ithi, "Uhlekeleni uSara, esho phakathi kwakhe ukuthi lezizinto azinakwenzeka na?" Niyabona ukuthi hlobo luni lwesibonakaliso iBandla elikhethiwe elinalo na? Niyabona ukuthi hlobo luni lwesibonakaliso uBilly Graham alunikezayo na? Niyabona ukuthi kuyini lapha eBandleni elikhethiwe. NguNkulunkulu enyameni yakho, ebonakalisa. Futhi uJesu akashongo yini ukuthi, "Njengoba kwenzeka emihleni

yaseSodoma, kuyakuba njalo ekufikeni kweNdodana yomuntu na?" Niyakubona manje na? Manje, sedlulile ukulungisiswa, ukungcweliswa, umbhaphathizo kaMoya oNgcwele, ukubekwa kweziphiwo zeNdodana eBandleni. Manje, nguNkulunkulu ezibonakalisa Yena uqobo ngalesosibonakaliso. Futhi ngicela noma yimuphi umfundi weBhayibheli ukuba angikhombise esinye futhi isibonakaliso Asenzile ngaphambili. . . emva kwalokho.

Manje. Manje, ake—ake siqhubekele phambidlana kancane. Wathi, "Usethendeni emva kwaKho."

205 Manje bukani, uNkulunkulu wayeyomlahla ngecala lowo wesifazane khona lapho ngokuyikholwa ngokungesikho leyoNgelosi. Niyakukholwa lokho na? Kodwa Akakwazanga ukukwenza. Futhi indlela abanye benu maPentecostal, thina maPentecostal esiziphatha ngayo, ngabe kade sakhahlelwa sakhishwa; kodwa uNkulunkulu angekwenze. Kungani na? Ukuba Wayekhahlele wakhipha u-A-. . ., noma, ukuba Wayekhahlele wakhipha uSara, wayeyingxenye ka-Abrahama. Ngakho wayeyizindlalifa kanye naye. Ngakho Wayezofanele amkhahlele akhiphe u-Abrahama naye, ngakho Wayengeke akwenze ngenxa yomkakhe, ngenxa yomyeni.

206 Ngakho yileyondlela, kungenxa kaKristu Angeke asikhahlele asikhiphe. Singamadodana namadodakazi aKhe. Ukungakholwa kwethu akusho lutho. Inzalo yangempela ka-Abrahama iyokhanya noma kanjani. Kwakulapho-ke.

207 Lalelisisani manje. NeNgelosi yathi, "Ngizokuvakashela; ngokwesikhathi sokuphila, ngani, lento izokwenzeka." Futhi u-Abrahama wahamba naYe, futhi Wanyamalala futhi wahamba; washo Wahamba wangena ebumnyameni ndawondawo, wabuyela kuNkulunkulu futhi.

208 Ngabe sikubonile ukulungisiswa na? sikubonile ukungcweliswa na? umbhaphathizo kaMoya oNgcwele na? ukungena eMzimbeni kaNkulunkulu na? Ngabe sikubonile ukubekwa kweziphiwo eBandleni na? Manje ngabe sikubonile ukubonakaliswa kukaNkulunkulu, isibonakaliso sokugcina na?

Manje, bhekisisani. Masinyane uNkulunkulu wenza okuthile kuSara no-Abrahama. Manje, anizukukukholwa *lokhu*, kodwa *kunjalo* noma kanjani.

209 Niyabo, ini. . .funa ukufunda iBhayibheli, aniLifundi njengoba nje nilifunda ephephandabeni, "Futhi baba nokuqhuma ngolunye usuku." Manje, angazi noma kuyiqiniso noma qha. Basitshela izinto eziningi kakhulu okuyiphutha, awukwazi nje ukukunaka. Kodwa lapho ufunda iBhayibheli, LiyiNcwadi yothando eya eBandleni.

IBhayibheli lathi uJesu wabonga uNkulunkulu ngokukufihla emehlweni abahlakaniphileyo nabanokuqonda, futhi wakwembulela izingane, zona eziyofunda.

210 Lapho ngiya phesheya kwezilwandle, umkami omncane onomoya omuhle uzongibhalela incwadi: "Billy othandekayo, ngihlezi lapha kulobubusuku nabantwana. Sisanda kubalalisa." Ngi . . . "UJoseph omncane ukukhalele kancane kulobubusuku ngaphambi kokuba ayolala." Ngiyazi ukuthi u—ukuthi ubhalani. Kodwa ngimthanda kakhulu, ngiyakwazi ukuyifunda ivaliwe; ngiyazi ukuthi ukhuluma ngani.

211 Yileyondlela ofanele ufunde ngayo iZwi likaNkulunkulu: ivaliwe. Uma uMthanda, UyaKwembula nje kuwe. Uqala lapho, futhi uvele nje, "Ngani, kuthi, 'Nakhu.'" Ngani, wena uthi, "Nakhu." Impela.

Manje bukani, Niyazi ukuthi Wenzani kuSara no-Abrahama na? Manje lalelani nithule ngempela. Wabaguqula babuyela ekubeni yinsizwa nentombi.

"Ngifuna ufakazise ukuthi Wakwenza."

212 Manje, lalelisisani. Into yokuqala, niyazi masinyane u-Abrahama noSara bashiya lelozwe base behlela eGerari. Ngabe kunjalo na? Likale emephini; izindlela ezinde impela endodeni endala, ugogo omncane enesigqoko esincane ekhanda lakhe, niyazi.

Manje, wena uthi, "O, awu, baphila isikhathi eside nje."

IBhayibheli lathi, "Base begugile impela, futhi bedlula isikhathi sokuphila impilo yomuntu." Ugogo omncane, nangu ehamba.

213 Behlela lapho, futhi ngenkathi befika ezansi lapho, kwakukhona i—inkosi esencane ezansi lapho egama lingu-Abimeleki yayifuna isithandwa. Futhi onke lawomantombazane amahle angamaFilisti ngapho, ngenkathi ebone ugogo eza, yathi, "Yileyo engeyami." Yathandana naye futhi yathi, "Ubukeka kahle."

214 Ngiyanidabukela. Ugogo omncane wayengakwazi ngisho ukuhlala nomyeni wakhe uqobo, sekuyiminyaka engakwazi, futhi wahlekisa ngeNgelosi ngisho ithi ukwenzile. Yamenza intombi. Wayemuhle futhi ebukeka kahle.

215 Manje bukani, ake nginitshele okuthize. Wayeyodingeka a . . . Yenza okuthile kuye. Manje, ukuba-ke Yayivele nje yamenza wazala na? Ukuba-ke nje Yayi . . . Ukuba Yenza lokho . . . Babengabhemi osikilidi ngalezozinsuku futhi befanele bakhulise izingane zabo emabhodleleni. Niyabo? Babengenakho. Babefanele babakhulise ngebele. Imithambo yobisi yase yomile. Owesifazane oneminyaka eyikhulu ubudala uyasikwa, ubeyofa ngomzuzu, impela ubeyofa. Yadingeka imnike inhliziyo entsha; Yadingeka imnike imithambo yobisi; Yayidingeka ivundise isizalo sakhe; Yayifanele i . . .

216 O, bukani ukuthi Yadingeka yenzeni ku-Abrahama, umzimba wakhe usufana nofile. Yavele wamguqula wabuyela

emuva nje. Isizathu Ikhombisa ukuthi Izokwenzani enzalweni ka-Abrahama. Niyabo?

217 Qaphelani. Wehlela lapho, futhi ngakho u-Abimeleki wathandana naye. Bangaki owaziyo ukuthi lokho kunjalo na? Futhi wamthatha waba ngumkakhe. Futhi wayezosondela kuye ngoba wayeyintombazane enhle. Futhi ngalobobusuku lowomfowethu omuhle ngempela ogcina umthetho wayelele phandle lapho, niyazi. Washo imikhuleko yakhe, wase egeza, futhi waphakamisa izinzwane zakhe phezulu. Kusasa uzoshada nalentombazane enhle engumHeberu; umfana, eneminyaka eyikhulu nje ubudala. Niyabo? Futhi o, kanjani. . .njengoba nje. . .wayemuhle kanjani. Nomyeni wakhe osemncane ehlezi phandle lapho.

218 Futhi ngalobobusuku iNkosi yabonakala kuye ngephupho yase ithi, "Ufana nje nomuntu ofile." Kunjalo. Ngifuna ukunibuza okuthize, noma ngabe nonke ni—nikahle ngokuphulukiswa kwenu kulokhukuhlwa noma qha.

Ngani, wathi, "Nkosi, Uyabazi ubuqotho benhliziyo yami." Wathi, "Lowo wesifazane ungitshele ukuthi lowo bekungumfowabo."

219 Wathi, "Lowo ngumkamuntu." Lalelani, nansi ingxenye: Wathi, "Umyeni wakhe ungumprofethi waMi. Futhi angikhathali ukuthi ukhuleka kangakanani; Angisoze ngakuzwa. Hamba, mvumele akukhulekele, futhi ngizokuphulukisa."

220 Ehlezi phandle lapho eqamba amanga, nendoda eyayingasho lokho ngomkakhe ukusindisa intamo yayo uqobo; nifanelekile kanjalo na? Niyabo? Ngizama ukwenzani na? Ukunikhombisa ukuthi ngumusa kaNkulunkulu okwenze wafaneleka. Awulungile; angilungile; kodwa NguYe olungile. Bheka kuYe. NguYe owakwenza. Kwakungengenxa yomusa kaNkulunkulu; u-Abrahama wahlala lapho, waqamba amanga. Ngabe wayeqamba amanga na? Ngabe wakwenza na? Wathi, "Lowo ngudadewethu." Ngamanga amancane amhlophe: angamnyama amakhulu.

Wayesethi, "Lowo ngumfowethu." Futhi lokho kwakungalungile. Kodwa ukhuluma ngendlela ezungezayo ukusindisa intamo yakhe.

221 Futhi khona-ke Wathi, "Phumela lapho futhi ukhulekele. . . makakukhulekele." Futhi u-Abrahama wamkhulekela, wabuyisela impilo yakhe, futhi ini na? Okulandelayo, baba nomntwana.

222 Ngifuna ukuqaphela. Sengivala ngifanele ngisho lokhu. Angikwazi ukufinyelela kukho konke; isikhathi sesihambile kakhulu, bese-ke kuba ukuba nomugqa womkhuleko. Ngifuna ukusho lokhu: Wenzani ku-Abrahama na? Ukulungisiswa ngenkathi ekholwa. Ngabe kunjalo na? Thanini, "Amen."

[Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.] Ukungcweliswa lapho E. . . ngegazi. Ngabe kunjalo na? U-Abrahama nenzalo yakhe. . . Mnike amandla avela emzimbeni waKhe uQobo, into efanayo ngenkathi Emnika uMoya oNgcwele, amandla avela kubuYena baKhe uQobo. Ngabe kunjalo na? Wambeka njengamadodana emzimbeni—emzimbeni neziphiwo; kunjalo na? Futhi manje Wazibonakalisa njengoJehova; wafakazelwa nguJesu Kristu, ukwazi izimfihlo zenhliziyo njengoba nje uJesu asho.

223 Khumbulani, ngenkathi uJesu elapha emhlabeni, Wafakazisa kumaJuda ukuthi WayenguMesiya ngalesosibonakaliso. Ngabe kunjalo na? Wakufakazisa kumaSamariya; babebheke uMesiya. Ngabe kunjalo na? Kodwa akukho ndawo kwabeZizwe, babengabheke Mesiya. Sibheke uMesiya, sinjalo na? Ngakho manje Uyakufakazisa kithi manje.

224 Futhi bukani, Wenzani na? Wadingeka aguqule umzimba ka-Abrahama nokaSara. Kwakuyinto elandelayo emva kokuba lesosibonakaliso sikhonjisiwe ukuthi Wayeyazi imfihlo yenhliziyo yabo, Waguqula. . .Into elandelayo kwakungukuguqulwa komzimba ukuze emukele indodana ethenjisiwe. Futhi leyo yinto elandelayo emgqeni manje wuHlwitho lweBandla, ukuguquka. "Thina esisekhona sisasele asiyikubandulela abaleleyo; ngokuba icilongo likaNkulunkulu liyakukhala; abafele kuKristu bayakuvuka kuqala, futhi thina esiphilayo siyakuguqulwa ngesikhashana ngokuphazima kweso."

225 Futhi bukani, ukuba-ke nje Wabaphendulela ekubeni yinsizwa nentombi njengoba babenjalo esikhathini sokuqala na? Babengeke babe nengane empeleni, ngoba babehlale ndawonye ngenkathi beseyinsizwa nentombi. Wadingeka aguqule umzimba wabo ngendlela ehlukile ukuze emukele i s-. . .thola indodana. Ngabe kunjalo na? Umzimba wabo wawufanele uguqulwe ngenye indlela, ukwemukela indodana.

226 Futhi singeke. . .Ukuba besingabuyela emuva ukuba yizinsizwa nezintombi, sisalokhu singeke sahlangana neNdodana, ngoba sizohlangana naYo emoyeni. Sifanele sibe nomzimba oguquliwe ukuba sihlangane emoyeni, uHlwitho.

227 Leyo yinto elandelayo yabantwana baka-Abrahama. Icilongo liyokhala into elandelayo. Abantwana baka-Abrahama bangempela bayoguqulwa, lomzimba wenziwe ukukhanya futhi sizokhuphuka ngqo. Uma sibuyela emuva ukuba yizinsizwa nezintombi, siyobe sisalokhu siboshelwe emhlabeni. Uma u-Abrahama noSara babuyela emuva ukuba babe yinsizwa nentombi, babengeke babe nengane, ngoba babesalokhu beyinyumba. Kodwa Wabaguqula ukuze bemukele indodana ethenjisiwe, futhi njengoba Enza ngo-Abrahama. . .Bhekisisani ukuthi Wehlisa kanjani yonke into ngo-Abrahama, yonke into ngenzalo ka-Abrahama, futhi silapha khona lapha namhlanje

silindele uHlwitho khona manje, masinyane emva kwalokho kufika uguquko nendodana.

228 Ngabe sibheke iNdodana na? Hlobo luni lweNdodana esilubhekile na? INdodana kaNkulunkulu ivuka inokuphilisa emaphikweni aYo. Haleluya! U-Abrahama nenzalo yakhe emva kwakhe, manje niyaqonda na? Niyabona ukuthi kungani ngishisekele kangaka na?

229 Ngineminye imiBhalo cishe eyishumi noma ishumi nambili lapha engifanele ngifinyelele kuyo, kodwa asinaso isikhathi. Ngifuna nibe nebandla lenu kulobubusuku. Bengifanele ngabe ngisendleleni yami eya ekhaya emizuzwini engamashumi amabili noma engamashumi amathathu edlule.

230 Kodwa niyabona ukuthi ngiqonde ukuthini na? Akwenzile ku-Abrahama, Wakwenza enzalweni yakhe. Ngabe kunjalo na? Kwakuyini izinzalo na? Izizwe ngenkathi kwakungesibo nje abantu. UNkulunkulu usebenzana no-Israyeli njenge . . .

Nakhu kuhlezi indoda ehlezi khona lapha, efika kimi ngolunye usuku, futhi yathi, "Ngizama ukuthola ukuba yisithunywa senkolo kumaJuda."

231 Ngathi, "Khohlwa yikho. Lawa amancane, amaJuda ahlakazekile awasiwo amaJuda uNkulunkulu akhuluma ngawo. UNkulunkulu usebenzana namaJuda, hhayi njengomuntu ngamunye, kodwa isizwe." U-Israyeli uselungele ukwemukela uMoya ngenkathi u-Eliya noMose ebonakala kubo emva koHlwitho lweBandla. Into elandelayo ngumkhiwane uveza imiqumbe yawo. Yilokho ngokweqiniso. Ngakho beza ezweni labo lendabuko; kodwa u-Israyeli uzokwamukelwa njengesizwe. Sinjengabantu ngamunye, inzalo ka-Abrahama. Ngakho manje, si . . . Lowo kwakunguMoya oNgcwele. Futhi kuphawuleni nje, nina bafo abasha, eNcwadini yenu, futhi nibone ukuthi kanjani—kanjani . . . ukuthi lokho ngabe kuqinisile noma qha. Niyabo?

232 Kodwa manje, ibandla labeZizwe seliphelile. Kukhona uBilly G-r-a-h-a-m eSodoma, edonsa labo baseSodoma ngamandla akhe onke nje. INgelosi yeNkosi lapha phakathi kweBandla elikhethiwe elibizelwe ngaphandle, elibizwa ngo "mgingqiki ongcwele" njengo-Abrahama, "Uyahlanya, kungani ungehli ukuba uzihlanganise futhi uzijabulise nathi sonke; siphila lapha ngokutamasa," nezinto ezinjalo. Kodwa kukhona inzalo ka-Abrahama yeqiniso engalithinti izwe noma izinto zezwe. Kuyini na? Uthini umlayezo na?

233 Indoda yahlangana nami ngobunye ubusuku yase ithi, "Mfowethu Branham, uma nje uzoxegisa . . . " Indoda enkulu yebandla iFull Gospel yathi, "Sizothatha futhi sikunikeze indiza uma uzojoyina inhlangano yethu, futhi sizokuthatha nalesisiphiwo kuwo onke amadolobha amakhulu emhlabeni futhi siqhumise lento iye phambili, uma nje uzoxegisa kancanyana kulokho okufundisayo."

234 Ngathi, "Wena, neziqu zobudokotela ucela inceku kaNkulunkulu ukuba ixegise eZwini likaNkulunkulu. Angikwazi ukucabanga ngento enjengaleyo, ndoda." Ngathi, "Qhabo, mnumzane akukho ukuxegisa kimi nhlobo." Ngathi, "Ngiyakholwa ukuthi iZwi likaNkulunkulu lifundisa ukuFika kweNdodana kaNkulunkulu. Ngiyakholelwa embhaphathizweni kaMoya oNgcwele. Ngiyakholelwa ezibonakalisweni nezimanga zilandela amakholwa. Yilokho impela uNkulunkulu akusho. Yilokho engimi ngakho. Yilokho engikukholwayo." Futhi ngiyazi ukuthi kuyiqiniso.

235 Futhi sedlule ekulungisisweni kukaMartin Luther njengoba kwenza u-Abrahama; sidlula ekungcwelisweni kukaWesley; sedlule onyakeni wePentecostal; futhi manje sikubonile ukubekwa kweziphiwo ebandleni. Futhi manje yini esiyibonayo elandelayo na? UNkulunkulu Uzibonakalisa enyameni, ehlulela yona impela imicabango yenhliziyo, khona impela uJesu athi kuyofezeka. Futhi into elandelayo ngukuguqulwa komzimba ukuba wemukele iNdodana ethenjisiwe.

Asikhothamise amakhanda ethu.

236 Baba waseZulwini, angazi lutho olunye engingalusho ngalelihora. Impela abantu bangaqonda, Nkosi. Sisesikhathini sokuphela. Isayense ithi thina, eminyakeni emithathu noma emine edlule saba yimizuzu emibili kwaze kwaba phakathi nobusuku, noma, imizuzu emithathu. Ngikholwa ukuthi isandla esikhulu sikaNkulunkulu safinyelela futhi samisa isikhathi. Isivalo sesivivane sesizobekwa phezulu nje. IBandla liyalolongeka, libona isibonakaliso salo sokugcina.

237 Nkosi, makuthi labobantu bavuke futhi baqonde ukuthi babheke okuthize le ngaleya esikhathini esizayo, futhi kwenzeka ngaphansi kwekhala labo ngqo, futhi abakuqondi. Uma udeveli engenza bakholwe lokho, Nkosi, u—ubabhaxabulile. Mabaqonde, Nkosi, ukuthi lo—loMoya oNgcwele esiwujabulelayo, futhi besiwujabulela kuyo yonke leminyaka, nguWe. NguKristu, isiVumelwano uNkulunkulu asenza nesintu, ukuze sibe ngamadodana namadodakazi, uma uMoya waKhe ubuhlala kithi. Futhi besiyokwenza into efanayo.

238 Wayengubani lowo-Elohim ezansi lapho na? Ngani, kwakunguWe, uJesu, Ogcotshiweyo owagcoba umzimba wenyama ukukhombisa ukuthi ngosuku lokugcina Uyozenza Wena uqobo ubonakaliswe enyameni yomuntu. Futhi siyaKubona ukwenza nsuku zonke imini nobusuku. Futhi lokhu bekuqhubeka manje okokuqala iminyaka eyizinkulungwane ezimbili, futhi nakhu la sikhona.

239 Sifika onyakeni kaLuther, njengoba Wathatha u-Abrahama, ngonyaka kaWesley, njengoba Wenza u-Abrahama, onyakeni wePentecostal: lazihlela futhi lenza ihlelo futhi lahlala emuva eshalofini. Ibandla liqhubeka ngqo, liqhubekela phambili ngqo;

izimfundiso ezincane ezigqamileyo zizama ukukhuphuka, kodwa sonke isitshalo uBaba wami angasitshalanga siyosishulwa, sife khona lapho.

240 Kodwa silapha manje ukubona uNkulunkulu ehlala phakathi kwethu, ezikhombisa Yena uqobo. Silindile kuze kube uHlwitho, ushintsho ukuthi singabona iNdodana kaNkulunkulu iza enkazimulweni ngolunye lwalezizinsuku. Ayisoze yathinta izinyawo zaYo emhlabeni, kodwa siyoguqulwa futhi sihlwithwe ukuYihlangabeza emoyeni. Njengoba Waguqula uSara no-Abrahama, futhi wabenza esimweni ukuze bakwazi ukubona, futhi bemukele indodana ethenjisiwe ababeyilindile, Nkulunkulu, ngikhulekela ukuthi Uzoguqula imizimba yethu efayo ngolunye lwalezizinsuku. Njengalowombono, noma ukuguqulwa, kumbe noma ngabe kwakuyini ngobunye ubusuku, sizohlwithwa ngolunye lwalezizinsuku, siguqulwe, nje . . . Nkosi, ngiyakukholwa ngakho konke okusenhliziyweni yami. Omdala uyoba musha, amandla kaNkulunkulu azo . . .

241 Ngolunye lwalezizinsuku sizobe sihlezi emhlanganweni, abanye phandle ensimini, abanye begaya emshinini, futhi khona manjalo kuyobakhona ukumemeza okuvela eZulwini. "Bheka uMyeni uyeza." Khona-ke simi lapho nesandla sethu sisemoyeni, futhi sazi ukuthi singamadodana kaNkulunkulu nezindlalifa kanye no-Abrahama ngoJesu Kristu, iNzalo yobuKhosi, sazi ukuthi izibonakaliso ezifanayo ezenziwa lapho ku-Abrahama, siyakubona kwenziwa namhlanje futhi kwethenjiswa nguJesu Kristu, "Njengoba kwenzeka eSodoma, kuyakuba njalo."

242 Ngaphambi kokuba iSodoma lishiswe, izwe liyoshiswa futhi, futhi ngaphambi kokusha okwesibili, into efanayo iyophinde yenzeke futhi.

243 Futhi sibona uBilly Graham ezansi eSodoma, eshumayela iVangeli kuleloqembu lezihlakaniphi, ezama ukubabizela ngaphandle. UNkk. Loti nawo onke amaphathi akhe, nabathandekayo bakhe, futhi wayengafuni ukuhamba. Futhi sibona abesifazane besimodeni nezikhindi, nopende, nokugunda izinwele, nanjengabaseSodoma; bezigqokisa njengonondindwa, bekhanukisa, ukuze amadoda engababuka, bese-ke beba necala ngokuphinga naleyondoda, nakuba bemsulwa emzimbeni wabo; kodwa, "Obuka owesifazane amkhanuke, usevele uphingile naye." Wakwenza naye, uzophendula ngakho. Sibona uNkk. Loti enza into efanayo.

244 Nkulunkulu, besingahlala kanjani nalokhu kuze kube sekuseni, nakusasa ebusuku, nangokusa okulandelayo, kuqhubeke njalonjalo: Yafika kanjani leyondodana nokuthi yanikelwa kanjani; ukuthi leyonqama yayikanjani esiqongweni sentaba. Hhayi umbono, kodwa inqama uNkulunkulu ayefuna u-Abrahama ayibulale esikhundleni sendodana yakhe uqobo,

negazi lagobhoza kuyo; negazi aligobhozi embonweni. Kwakuyinqama; uJehova-jire.

245 Nkulunkulu, Uyakwazi kulentambama ukuZihlinzekela uMhlatshelo. Uyakwazi ukuZihlinzekela iBandla; Uyakwazi ukuhlinzeka abefundisi abazosukuma futhi bashumayele iqiniso, kungakhathaleki ukuthi inhlangano, amahlelo, nababhishobhi, nophapha, kanjalonjalo uthi. UnguJehova-jire. NgiyaKuthanda, Nkosi. NgiyaKuthanda.

246 Futhi nginikela lezizethameli kuWe. Nginikela abafowethu abayigugu lapha, okholwa yileliVangeli elifanayo. Nkulunkulu, ngikhulekela ukuthi Uzokwenza amadoda anamandla kaNkulunkulu, O Nkulunkulu, ayolala emgqeni wokugweda, iVangeli, engaxegisi nganoma yini, kungakhathaleki ukuthi kuwabizani. Ngikhulekela ukuthi Uzokwenza lababantu abamangalisayo phakathi lapha kulentambama into efanayo.

247 Manje, Nkosi, ngishumayele iZwi ngokucacile njengoba ngiLazi. Ngibakhombisile ngemifanekiso ngesimo sobuntwana ukuthi noma ubani angaqonda. Manje, Nkosi Nkulunkulu, Mdali wamazulu nomhlaba, Elohim, Usengu-Elohim. Ngikhulekela ukuthi Uzongenisa uMoya waKho phakathi kwethu kulentambama, nokuthi amandla aKho amakhulu azofika futhi asikhombise sona impela isibonakaliso esibonakalayo Owasikhombisa u-Abrahama noSara ngaphambi kokuba kufike lelohora. Siphe khona, Nkosi. Lelibandla, lapho ngisuka kulentambama, O oPhakade noBusisiweyo, ukuze bazi ukuthi UnguJehova. Siphe khona, Nkosi, siphe khona, ngiyakhuleka eGameni likaJesu.

248 [Udade ukhuluma ngezilimi. Akuqoshwanga eteyipini. Umfowethu uyahumusha. Akuqoshwanga eteyipini—Umhl.] UMoya oNgcwele usho lowomlayezo ukuthi njengoba Wayelapho no-Abrahama nenzalo yakhe, Ulapha, inzalo ka-Abrahama, namhlanje.

Hloniphani ngokuzithoba phambi kukaNkulunkulu uSomandla. Ngizonicela uma . . . Ungaphakamisa ikhanda lakho. Ngiyanicela ukuba nihloniphe ngokuzithoba.

249 Ngibizile namhlanje ukuthi sizokhulekela abagulayo ukuba sikhuphulele abagulayo lapha futhi angifuni ukuvumela lokhu . . . ukushiya lomqondo phezu kwalababantu lapha, ukuthi ngenxa yokuthi ngilapha, yimina ozokhulekela abagulayo.

[Akuqoshwanga eteyipini—Umhl.] . . . ? . . . lowo wesifazane oyikhaladi. Futhi ukhulekela umfutho wegazi ophakeme. Yena . . .

[Akuqoshwanga eteyipini—Umhl.] . . . kusukela lapha; ungowaseChicago.

[Akuqoshwanga eteyipini—Umhl.] . . . phezulu, Nkk. Jones.

[Akuqoshwanga eteyipini—Umhl.] . . . Nkk. Nola Jones, ungasukuma na? Usukumile na?

250 [Akuqoshwanga eteyipini—Umhl.] . . . omunye nomunye, beka esakho . . . vayizelisa isandla sakho kanje, ukuze abantu bazi ukuthi wena nami siyizihambi omunye komunye. Hamba uye ekhaya. UJesu Kristu ukuphulukisile.

[Akuqoshwanga eteyipini—Umhl.] . . . omunye wesifazane [Akuqoshwanga eteyipini.] . . . ? . . .

[Akuqoshwanga eteyipini—Umhl.] . . . uvulande osesitezi, [Akuqoshwanga eteyipini.] uhlinza amandla, ukudonsa kuvela ngapha . . .

[Akuqoshwanga eteyipini—Umhl.] . . . ? . . . nenkathazo yomphimbo . . .

[Akuqoshwanga eteyipini—Umhl.] . . . unokuphazamiseka kwamathumbu amakhulu . . .

[Akuqoshwanga eteyipini—Umhl.] . . . ? . . . sukuma, futhi ukholwe eNkosini uJesu Kristu.

[Akuqoshwanga eteyipini—Umhl.] . . . lelonenekazi elihlezi ekugcineni kulolohlu phandle lapho . . .

[Akuqoshwanga eteyipini—Umhl.] . . . inkathazo uyakholwa ukuthi uNkulunkulu uzokusindisa, nenekazi na?

[Akuqoshwanga eteyipini—Umhl.] . . . ngqo iya ekhaya; uJesu Kristu uyakuphulukisa.

[Akuqoshwanga eteyipini—Umhl.] . . . yiba nokukholwa kuNkulunkulu . . .

[Akuqoshwanga eteyipini—Umhl.] . . . Inenekazi elincane elihlezi khona lapho, elithe ukubukeka lipinki.

[Akuqoshwanga eteyipini—Umhl.] . . . namehlo alo. Uyakholwa ukuthi uNkulunkulu uzokusindisa na? . . .

[Akuqoshwanga eteyipini—Umhl.] . . . isifo samathambo, elikhathazwa yiso, uyakholwa ngayo yonke inhliziyo yakho na? Ungaba nakho futhi.

251 [Akuqoshwanga eteyipini—Umhl.] . . . indoda ihlezi ngale ngakolunye uhlangothi ingibuka inaleyonkathazo yamankanka. Uyakholwa ukuthi uNkulunkulu uzokusindisa, mnumzane na? inkathazo yamankanka na? Kulungile mnumzane. Eceleni kwalokho unenkathazo yesisu. Uyakholwa ngenhliziyo yakho yonke ukuthi uNkulunkulu uzokusindisa na? Unenkathazo yenhliziyo eduze kwalowo. Uyakholwa ukuthi uNkulunkulu uzokusindisa, nenekazi na? Uyakholwa na? Eceleni kwalowo, unesifo samathambo. Uyakholwa ukuthi uNkulunkulu uzokusindisa na? Kulungile mnumzane ungaba nakho. Hamba uye ekhaya uphiliswe.

252 [Akuqoshwanga eteyipini—Umhl.] . . . UNkulunkulu uzokusindisa na? Phezulu lapho ohlwini lokugcina? Kulungile

mnumzane, ungaba nakho. Eceleni kwakho unenkathazo yamathumbu. Ucabanga ukuthi uNkulunkulu uzokusindisa na? Hamba ukwemukele.

[Akuqoshwanga eteyipini—Umhl.] . . . yonke inhliziyo yakho na? Yiba nokukholwa kuNkulunkulu.

[Akuqoshwanga eteyipini—Umhl.] . . . ? . . . Isigaxa ebeleni, Nkk. Cramer, sukuma ume ngezinyawo zakho futhi usinde.

[Akuqoshwanga eteyipini—Umhl.] . . . imbewu emva kwaKhe. UNkulunkulu wethembisa ukuthi kuyoba ngalendlela ezinsukwini zokugcina, bantwana. Niyakukholwa na?

Manje, ISHO KANJE INKOSI . . .

[Akuqoshwanga eteyipini—Umhl.] . . . ? . . . IZwi likaNkulunkulu likufakazisa ukuthi kuqinisile. Nonke niba nobisi futhi ndawo zonke manje yonke into iyenzeka.

[Akuqoshwanga eteyipini—Umhl.] . . . ? . . . lapha evela eSt. Louis.

[Akuqoshwanga eteyipini—Umhl.] . . . amehlo.

[Akuqoshwanga eteyipini—Umhl.] . . . ? . . . nakhu unesifuba somoya, uma ukholwa ukuthi ungabuyela emuva futhi uphiliswe.

253 [Akuqoshwanga eteyipini—Umhl.] . . . iZwi lisho njalo, iBhayibheli likumemezele kusukela kuGenesisi kuya eSambulweni. UMoya oNgcwele uyehla, wabeka ibandla laKhe, walisindisa, walilungisisa, walingcwelisa, waligcwalisa ngoBukhona baKhe futhi manje Ulapha ebandleni laKho Uzibonakalisa uphila nabantu baKho ngaphambi nje koHlwitho; ukuguqulwa komzimba.

